


# NINGESABI, YIMINA

 Kuhle kakhulu ukuba lapha futhi kulobubusuku. Sibe nesikhathi esimnandi kakhulu nje izolo, futhi bengiphila esimweni somhlangano wayizolo usuku lonke namhlanje. Ngakho ngiyajabula ukuba senkonzweni yeNkosi kulobubusuku.

<sup>2</sup> Manje, nabaningi kakhulu abalindile, noma abamile, njalo, ukuthi ngifanele ngithi abamile, njalo, ukuthi siyaxolisa ukuthi asinayo indawo eyanele yokuhlala, kodwa siyazi ukuthi uma nje nizosibekezelela isikhashanyana, iNkosi impela izonivuzwa, ngethemba ukuthi iyakwenza. Futhi ngiqinisekile Izokwenza, ngoba Ihlala njalo ivuzwa labo abanokubekezela, futhi “Labo abalindela iNkosi bayothola amandla amasha, futhi bayokhuphuka ngamaphiko njengokhozi.”

<sup>3</sup> Manje, ubusuku obumbalwa obedlule, noma izinsuku, kade ngishumayela nje, uhlobo lokuthi, kini, nokuba nemigqa emincane yokubiza, kanjalonjalo, ngithi ukukholwa ukuthi ngikukweleta abantu abagulayo kulobubusuku ukukhulekela abagulayo, ngoba kubanengi kakhulu babo lapha, futhi ngitshela abafana ukuba bakhiphe amakhadi omkhuleko kulentambama. Ngiqagele bakwenzile, noma bakwenzile na? Bakwenzile na? Lokho kuhle, kulungile. Sizo . . . (Ngiyabonga, Mfowethu Gene.) Sizobabizela phezulu emizuzwaneni embalwa nje.

<sup>4</sup> Ngicele uMfowethu Moore ukuba angikhulumele, kulobubusuku, into kuphela engifanele ngiyenze ngukungena, ngikhulekele abagulayo. Nikwenzile na? Ukhona ofuna umsebenzi ongilandelayo, angikhulumele na? O, yonke indlela . . . O, he! Awu, ngi . . .

<sup>5</sup> Lamaduku lapha athunyelwa phezulu lapha ukuba akhulekelwe, manje, ngenhlonipho yokuzithoba siyakholelwa ekukhulekeleni lezizindwangu. Manje, siyakhumbula ukuthi lena yiMfundiso yeBhayibheli ukukhuleka phezu kwalezizindwangu. Manje, abantu abanengi bazigcoba ngamafutha bese bezithumela emuva ezigulini. Sithumela izinkulungwane zazo ngenyanga emhlabeni jikelele. Futhi uma ungenalo elilodwa phakathi lapha, uma nje ubhalela ihhovisi lethu, ngani, impela sizokuthumelela zona mahhala, akukho zindleko zanoma yini esiyenzayo.

<sup>6</sup> Ngakho, eBhayibhelini, uma nizongibekezelela, ngiyakholwa ngokomBhalo, uPawulu akazange azikhulekele noma azigcobe, zasuswa emzimbeni wakhe. Ngikholwa ukuthi uPawulu wayengokomBhalo, anicabangi kanjalo na? Ningathanda ukwazi ukuthi ngicabanga ukuthi wakutholaphi lokho na? U-Eliya ngesinye isikhathi, ngenkathi ingane isifile,

u-Eliya wathi kuGehazi, “Thatha udondolo lwami, uhambe ulubeke phezu komntwana.”

<sup>7</sup> Manje, u-Eliya wayazi ukuthi uMoya oNgcwele uphezu kwakhe, nayo yonke into ayithinta yayibusisiwe. Wayesethi, “Thatha loludondolo, ulubeke phezu kwengane.” Ngicabanga ukuthi yilapho uPawulu athola khona umqondo wokubeka... ethatha amaduku nezindwangu emzimbeni wakhe, ngoba bengingeke ngicabange ukuthi uPawulu oNgcwele ubengenza noma yini engekho ngokombhalo. Ngakho wathumela...

<sup>8</sup> Manje, siyaqonda, ukuthi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa UsenguJesu, niyabo, UsenguNkulunkulu. Ngakho uNkulunkulu, engakhethi-buso, Uthumela abelusi benu, nabavangeli, nezinto ngokuhambisana, ukuze nibe nokukholwa okufanayo kuNkulunkulu ofanayo uPawulu oNgcwele ayemmele. Bese kuthi-ke uma sinenkonziso efanayo uPawulu oNgcwele ayenayo, izinto ezifanayo zenzeka enkonzweni yethu, zithatha izindawo, zenzeka emhlanganweni kaPawulu oNgcwele.

<sup>9</sup> Manje, ngaphambi nje kwethu, noma, kulobubusuku ngaphambi kokuba siqale ukukhulekela abagulayo, ngi-ngifuna ukubeka izandla kulawomaduku futhi ngiyakhulekele. Izikhathi eziningi... Nginezithombe, niyaqaphela ezincwadini lapho, ezivela eNingizimu Afrika lapho ababenazo, ngiyakholwa, ishumi nesithupha noma ishumi nesishiyagalombili lamasaka asefekile enziwe ngotshani agcwele. Inkonziso yobusuku obubodwa, enkulu kakhulu nje, siwabiza kanjalo, ngiqagele angamasaka asefekile futhi ahlohlwe agcwela amaduku, nezincwadi amaletsa, nezinto. Futhi enye yezintatheli yathi, “UMfowethu Branham ukholelwa ezeni impela, ubekhulekela izindwangu,” amaduku.

<sup>10</sup> Ukuthi, abawazi umBhalo, yilokho kuphela, bangabantu abathandekayo, abaqondi nje. Kungaleyondlela inqwaba yakho namhlanje, bonke bangabantu abakahle, kodwa izikhathi eziningi nje abaqondi, ngakho nje siyakubekenzelela lokho.

<sup>11</sup> Ngakho manje-ke siyajabula ukukhonzisa noma ngayiphi indlela. Manje, uma ubhalela eJeffersonville, batshele nje, kuzoba yindwangu engiyikhulekele. Angikwazi ukuthumela iduku, abiza kakhulu ekuthumeleni izinkulungwane zawo ngenyanga, ngithatha iribhini bese ngiwanquma bese ngikhuleka phezu kwalamaribhini, bese kuthi-ke omunye udade ngale e-Illinois ungenzela izindwangu ezincane *kanjalo*, ezingabizi kakhulu, o, ngiyacabanga, ngiyakhohlwa ukuthi bakhokhani, ikhulu, ngazo. Futhi sizithola ngamabhokisi amakhulukazi, futhi ngithatha lezo bese ngikhuleka phezu kwazo. Bese kuthi-ke kukhona incwadi eyenziwe, sineketango eliyindingilizi elizungeze umhlaba, umhlaba wonke uzungezwe ngalokhu. Sinezimangaliso eziningi ezenziwe yilezozindwangu

kunoma sinazo khona impela emhlanganweni, ngoba sifinyelela kubantu abaningi.

<sup>12</sup> Ngithanda ukusho lokhu, ngiyazi ukuthi kuthatha isikhathi senu esiningi, kodwa izinsuku ezimbalwa, o, akusizo izinsuku ezimbalwa, ezimbalwa, cishe eminyakeni emibili edlule, kwakukhona eyodwa eyathunyelwa eJalimane, futhi endwangini kuthi, “Uma umelusi wakho—wakho eyikholwa, mbize angene, uma wenze noma yisiphi isono, sivume, wenze yonke into ilunge, uNkulunkulu angeke aphulukise, kuphela ngaphansi kwezimo.” Niyabo? “Ngakho biza umelusi wakho angene, futhi uma kukhona okungalungile owakwenza, kuvume, iBhayibheli lathi, ‘Vumani amaphutha enu komunye nomunye, nikhulekelane, ukuze niphulukiswe. Ngokuba umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla kakhulu.’”

<sup>13</sup> Futhi ngithi, “Uma okwakho...Uma ungenamelusi okholelwa ekuphulukiseni, mhlawumbe unomakhelwane okholelwa ekuphulukiseni, ilungu elithile lebandla, omunye ongakhuluma kuye futhi—futhi uzithulule kuye.”

<sup>14</sup> Futhi lona omncane, owesifazane oyiJalimane wabiza abanye abesifazane abangomakhelwane, futhi wathi, “Uma ngenze noma yini engalungile, ngizimisele ukuyilungisa, angazi lutho ngayo.” Wayekade engenamandla esesihlalweni esinamasondo iminyaka engamashumi amabili-nokuthize. Ngakho bakhuleka base bekhapha iduku encwadini iletha, balibeka komncane, owesifazane oyiJalimane. Kwakungemuva kwekhasi lapho benikeza khona ukuhunyushwa kobufakazi bakhe, wathi, “Manje, ndoda endala engudeveli, usuhlale kimi isikhathi eside ngokwenele, ngakho phuma.” Wavele wasukuma esihlalweni esinamasondo, wayesehamba eqhubeka.

<sup>15</sup> Manje, kulula kanjalo nje. Yebo, mnumzane. “Ndoda endala engudeveli, usungibambe isikhathi eside ngokwenele, manje phuma kimi,” futhi nje wasukuma ngqo, wayesesuka wahamba. Manje, kulula kanjalo-ke.

<sup>16</sup> UMfowethu Jack Moore nami e, enye yezimishini zethu zokuqala ukuya entshonalanga, angizange sicabange ngalokhu isikhathi eside, sasikhulekela amaNdiya phandle eSan Carlos. [UMfowethu Jack uthi, “Ngangicabanga leyonto efanayo.”—Umhl.] Yebo. Wawucabanga lokho na? Awu, mhlawumbe iNkosi ifuna ngisho okuthize ngakho-ke. Sasikade sisezansi nabantu baseSpain, okokuqala ukuba ngike ngikhulekele amaNdiya, futhi kwakukhona ohlulwa wuphuzo, nesifo sofuba singena emhlanganweni ePhoenix, eHholo elikhulu laseByrd High School.

<sup>17</sup> Futhi ngenkathi ngibabona beletha lawomaNdiya emsamo, inhliziyo yami njalo yayiphumela kumaNdiya, noma kanjani. Awu, ngicabanga ukuthi bathola isivumelwano esinzima kulesisimo saseMelika. Ngakho manje-ke, ukuze kuthi,

ngacela iNkosi ukuthi Ingawaphulukisa yini lawomaNdiya amabili, futhi ikwenze kuwaphulukise ngempela, khonake ngiyobuyela esabelweni. Ngaphambi kokuba ngifike eCalifornia kwakukhona omunye lapho ongazisa ukuthi bobabili babephulukisiwe.

<sup>18</sup> Ngakho sadingeka sibuyele emuva phezulu esabelweni, futhi ngiyakhumbula ngingena lapho, futhi ngikhuluma nalawomaNdiya, lawo ma-Apache, amakhulu kakhulu, abantu abanamandla lapho behlezi bezungezile, ndawo zonke. Futhi ngathi, “Manje, ngiyazi ukuthi nifanele nizizwe kanjani.” Ngathi, “Ngicabanga ukuthi kuyiphutha ukuthumela izigidigidikazi zamadola phesheya kwezilwandle ukuba bakhe amabhanoyi, futhi benze amabhomu, futhi babuye futhi basiqhumise ngakho, kunjalo, lapho izinkulungwane zalamaNdiya zifa minyaka yonke ngenxa yendlala enkangala.”

<sup>19</sup> Ku—kuyibala efulegeni lethu ukwenza into enjalo. Empeleni, lelizwe lingelabo, sivele sabaphushela emuva. Besingacabangani uma amaJap eza ngapha futhi asiphushela emuva, noma into ethize efana naleyo na? Umuzwa ofanayo. Khumbulani bangabantu.

<sup>20</sup> Ngathi, “Konke lokho angikwazi ukusiza, ngingowaseMelika oyedwa nje, ngingumuntu oyedwa nje ovotayo njengoba nenza nje, futhi nginamalungelo afanayo eninawo, nakho konke.” Kodwa ngathi, “Angikho lapha ukuba nginitshela ngalesizwe, ngilapha ukuzonitshela ngoMuntu othize ozokunika ukwenza ngobuqotho, lowo nguJesusu Kristu.”

<sup>21</sup> Futhi ngiyakhumbula ngenkathi sibiza umugqa womkhuleko, iNdiya liwuhlobo lomfo oxakile, niyazi, ngakho kwakungekho-muntu ofika emgqeni womkhuleko. Kwakuvame ukuba naniyo...sasingeka sibathathe futhi silwe nabo sibasuse ngamaqembu amakhulu abangenisi. Sabiza umugqa womkhuleko, kwakungekho-muntu ofikayo, ngaqalaza uMfowethu Jack, futhi wangibuka. Ekugcineni, umhumushi wabuyela emuva. . .

<sup>22</sup> Kwakungubani igama lalowo wesifazane lapho owayenaleyomishini phandle lapho kulokho...? Ngi—ngikholwa ukuthi ungowe, Assemblies of God, yebo, ngiyalikhohlwa igama lakhe manje. Kodwa nokho, ngangisezitebhisini zakhe zesonto...Ini? Mitchell, Nkk. Mitchell. Abanangi benu bantu be-Assembly of God ningahle nikhumbule. Futhi yena. . . Sama phandle ezitebhisini nezipikha ezikhala kakhulu, futhi nje kwakubukeka njengezinsuku zenqola endala emboziwe ukubabona behlezi bezungezile nalelolanga lishona. Nawo onke amakhosi amadala, namaNdiya amancane nxazonke, futhi nje bawela phandle phakathi lapho, macala onke phezu kwalolosebe lomfula iSan Carlos.

<sup>23</sup> Kwase kuthi-ke, emva kwesikhashana, lomhumushi, banaso sonke isikhathi sokwenza noma yini phakathi, niyazi, ngakho wavele wabuyela nje wangena, wakhipha owesifazane oyiNdiya. Awu, wathi nje angaphuma, ezinkulukazi, izihlakala ezibanzi, engakwazi ukukhuluma igama lesiNgisi, wangibuka ebusweni. Ngambhekisisa imizuzu embalwa lapho, ngathi, “Owesifazane unesifo esiphathelene nocansi. Akungenxa yokuthi akanasimilo, kodwa indlela ayefanele aphile ngayo.”

Wangibuka ngokuxakile ngempela, lowomhumushi wayisa lokho kukho, owesifazane wanqekuzisa ikhanda lakhe, “Kunjalo.”

<sup>24</sup> Ngakho olandelayo ophumayo kwakuyintombazanyana, futhi yayilokhu igobise ikhanda layo. Ngathi, “Manje, lentombazanyana,” ngathi, “ingenye yamadoda amakhulu esizweni, futhi yayinomkhuhlane, uyenze yaba yisithulu nesimungulu. Ibiyisithulu nesimungulu ngaphezu kweminyaka emibili, ibingakaze ikhulume noma izwe lutho.” Ngathi, “Manje, nonke niyayazi lentombazane encane, ngoba ikhona lapha ezabelweni.” Ngathi, “Manje, uJesu Kristu uyawathanda amaNdiya, Uzowaphulukisa amaNdiya.”

Ngabeka izandla, ngase ngicabanga... Ngathi, “Ungakuhumushi lokhu.”

Futhi ngakho, ngakhuleka, “Nkosi, ngiphe umusa ngalababantu.”

<sup>25</sup> Futhi ngakhulekela intombazane encane, futhi ngehlela kuyo. Futhi uma wake wezwa ulwimi lwesi-Apache, o, he! Mm! Ngakho, ngathi, “Uyangizwa na?” Yaphenduka, yangibuka, nalezo ezindadlana, izinwele ezimnyama, ubuso obungcolile obuncane, futhi yangibuka phezulu, ngase ngithi, “Uyangizwa na?”

Yathi, [UMfowethu Branham ulingisa ulimi lwesi-Apache—Umhl.]

Ngase ngithi, “Izokhuluma kangcono.”

Nonina waphenduka, wathi, “Mm! Ukukhuluma kwakhe kunqwabelana kahle manje.”

Ngakho, ngathi, “Awu...”

<sup>26</sup> Futhi okulandelayo, babenomfana omdadlana, bamphusha bamkhipha kulesosakhiwo esincane, izinwele zakhe ezincane ezindala ezimaholoholo njengomhlwenga ehhashini, nekhandla libheke phansi, ngase ngithi, “Awu,” ngenza umfana omncane abuke phezulu kimi, ngathi, “unezinxemu, akanazo na?”

<sup>27</sup> Futhi umama wayethe ukuba nesihluku, wavele nje wambamba ngechopho lekhandla, wayesehlehlisa izinwele zakhe, amehlo emuva, namehlo akhe amancane ethe njo *kanjalo*.

<sup>28</sup> Ngathi, “Angazi noma ngingathola...” Wayengesaba. Ngakho-ke, nganginophisi woshingamu, ngenza ubungani naye, ngimenze awuhogele, niyazi, wayelokhu ebhekise ikhanda lakhe phansi, ngimenza awuhogele, lawomehlo amancane ayizinxemu eqalaza.

<sup>29</sup> Ngamqukula, ngamgona ezingalweni zami, futhi ngacabanga, “Nkulunkulu, uma Wake wangisiza, makube manje, ngingathola umusa nje kubo, khona-ke bazokholwa.” Niyabo? Ngangimbeke kwelami elincane, ihlombe, ikhanda elincane ehloambe lami, ngase ngithi, “Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzoqondisa amehlo akhe.”

<sup>30</sup> Ngathi, “Manje, phakamisani amakhanda enu.” Ngathi, “Manje, ngaphambi kokuba ngidedele umntwana asuke emahlombe ami, uma amehlo akhe engaqondile ngingumprofethi wamanga; uma amehlo akhe eqonde ngqo, khona-ke kholwani ukuthi ngize noMlayezo ovela kuJesu Kristu wenu.” Ngamphendula *kanje*, futhi ukhuluma ngomugqa womkhuleko! Kwaba nokunyathelana. Uthuli lundiza, futhi wonke umuntu uzama-...Awu, asikwazanga ukuthola... Akekho owayengangena emgqeni, babelwa nje, futhi befuqa, futhi bempongoloza, begxuma phezu komunye nomunye.

<sup>31</sup> Futhi ngakho, i, ngempela olandelayo kwakungowesifazane omdala oyiNdiya, evela ngemuva, futhi kwakukhona omncanyanyana, oqinile, umfana cishe owayeneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, wa—wavele wakhwela phezu kwakho konke, wayenamandla impela, waba ngolandelayo emgqeni. Ngase ngithi, “Ndodana, u—awu—awusuye olandelayo, lona owesifazane omdala ngolandelayo.” Angikwazanga ukumenza aqonde. NoMfowethu Jack ukahle impela, indoda encane qobo lwakhe, niyazi, umbazi, ngakho wavele nje wathola umfana omncane, wayesemdonga wamkhipha endleleni.

<sup>32</sup> Nakhu kufika lowo wesifazane omdala oyiNdiya, angikukhohlwa neze lokho inqobo nje uma ngisaphila, izinduku zakhe zokuqhubeka zazenziwe ngezinduku ezimbili zomshanelo nokunye, uphisi wokhuni olubethelwe ngaphezu kwengaphezulu, nezindwangu ezisongwe kuyo, ukugxusha. Futhi akakwazanga...Kufanele ukuthi kwakuyisimo samathambo, futhi wakhipha lezizinduku ezimbili, wayebukeka okungenani enamashumi ayisishiyagalombili, futhi wakhipha lezizinduku ezimbili, futhi wayethatha isinyathelo, khona-ke, khona-ke wayebeka enye. Ngavele ngama ngathula du, futhi wahamba wenyuka ngqo, *kanje*, eza kimi, futhi wayeqhaqhazela, *kanjalo*, futhi wangibuka phezu *kanjalo*.

<sup>33</sup> O, he! Ngizibonile lezo ezindala, izinwele ezilukiwe, ezimpunga niyazi, leyo emidala, imibimbi ejulile ezihlathini zakhe, nezinyembezi zisika indlela yazo njengo—ngomfula

lapho, zehla, ziqathaka ebusweni bakhe *kanjalo*, ngase ngicabanga, “Umama womunye umuntu. Akungabazeki, leso esidala, isandla esibuthakathaka lapho, esishwabene, sihlikihle izinyembezi emuva emehlweni amaningi engane ekhalayo. Ubunzima ayedlule kubo!”

<sup>34</sup> Wavele wama nje futhi wangibuka, futhi akazange avule umlomo wakhe futhi asho utho. Khona manjalo wavele waqala ukumamatheka, wafinyelela phansi, wabamba induku yokuqhugela eyodwa, nanenye futhi, wazinikezela kimi, wayesehamba ephuma lapho ekahle njenganoma ubani omunye. Akukho-mkhuleko nalutho, wakholwa nje. (Niyakukhumbula na?)

<sup>35</sup> Futhi ngale cishe, ngiqagele kwase kucishe kube semini, mina ngibe lapho ubusuku bonke, nokuthi [UMfowethu Jack uthi, “Ngelesine nqo.”—Umhl.] cishe ngelesine nqo, ngelesine nqo ekuseni, lokho kwakungaphambi kokushona kwelanga ngaleyontambama, sasikade sikhuleka bonke lobobusuku, kwaze kwaba ngelesine nqo ngakusasa ekuseni, ngaqaphela onke amaNdiya engena lalimanzi enhla le ngapha phakathi *lapha*, ngathi, “Yin’indaba ngabo na?”

<sup>36</sup> Futhi wathi, “Awu, ekuqaleni bebecabanga ukuthi ubunamanga,” kodwa wathi, “manje,” wathi, “izibuko liphansi le,” kodwa wathi, “bagijimela emathafeni, futhi bathola abathandekayo babo, futhi bayagxambuza ngaphesheya komfula phakathi nobusuku bethwele abathandekayo babo ngaleya ukuba bakhulekelwe.”

<sup>37</sup> Bayovuka ekwaHlulelweni kanye nesizukulwane sabantu abamhlophe, futhi basilahle, izikhathi eziningi abanye balababantu abangeke ngisho benze mnyama umnyango endlini yomhlangano.

<sup>38</sup> Futhi ngakho, ngiyasikhumbula isehlakalo esisodwa lapho, ngi...Ngiyaxolisa nje ngokuthatha isikhathi, kodwa ukukholwa kuvela ngokuzwa, siqoba ngezwi le... lobufakazi bethu. Futhi lolu kwakuludaba olugqamile kakhulu, kwakukhona iNdiya elidala, babekade benebhodi elinjengaleli, futhi lalinezinti ezine zivundle kulelibhodi, babengenalo uhlaka ababezombeka kulo umfo omdala, ngakho bamyekela abeke izingalo zakhe phezulu *lapha*, empunga nje ngakho konke, namadolo akhe enqamula kwenye ingxenye yebhodi. Futhi kwakukhona abafo ababili abakhulu bemthwele, bemanzi te nje. Ngathi komunye wabafo, wayengolandelayo emgqeni ekhuphuka, ngathi, “Ukhuluma isiNgisi na?”

“Kancane.”

Ngathi, “Awesabi ukuthi ungenwa yinyumoniya na?”

“Qhabo.” Wathi, “UJesu Kristu unginakekele, ngilethe ubaba wami.”

“Mm?” Ngathi, “Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzomphulukisa uyihlo na?”

“Yebo, yingakho ngimlethile.”

Ngathi, “Kulungile.” Wamedlulisa, ngathi, “Medlulise.”

<sup>39</sup> Ngavele nje ngabeka izandla phezu komfo omdala, lezozinwele ezilukiwe zilele lapho, futhi ziqhaqhazela *kanje*, niyazi, ngabeka izandla zami phezu kwakhe, ngathi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kuye, mphulukise ngenxa kaKristu.”

<sup>40</sup> Ngathi, “Mthathe.” Ngathi, “Olandelayo makeze.” Beza benqamula *kanjalo*. Imizuzu embalwa ngezwa umbuthano omkhulu phandle lapho phakathi kwalawomaNdiya, wawungeke nje ubone ekugcineni kwezibani zamaNdiya, ngabuka phandle lapho, indoda endala yayinebhodi ehlombe layo ihamba, ivayizelisa kuwo wonke umuntu.

<sup>41</sup> Niyabo? Si—sizama ukukwenza kuxake kakhulu. Sifika sithi ngqu phezu kwakho, sizama ukukuthola. Niyabo? Sizama ukukwenza into ethize eyimfihlakalo, kuyilapho kulula nje. Lapho ulula kakhulu, uzoba ngcono. Ungagxumeli kukho nje, uzame ukuzicindezela; kwemukele nje, kalula kanjalo nje. Uyahamba, ugxumela phezu kwakho, uzama, yilokho osiyazi bethu bezenkolo abakwenzayo, ugxumele ngaphezu kwalo, uzama ukuthola ukuthi yini ehlezi eduze kwakho ngqo. Niyabo? Kulula kakhulu, iBhayibheli lathi ngisho nesiwula asifanele siduke. Kunjalo. Kulula kakhulu, iVangeli.

<sup>42</sup> O, ngiyanitshela, mina, lapho siwela olunye uHlangothi, ngiyamangala nje ukuthi kuyoba njani lapho sesifika laphaya. Lapha... Indiza ingama, omunye esikhumulweni sezindiza athi, “Mfowethu Branham, bengiphethwe *ukuthi-nokuthi* ngenkathi...”

<sup>43</sup> Ngapha esiteshini sesitimela, ezansi, ngangisenhla le enyakatho yeBritish Columbia, kade ngibuyile ohambweni lokuyozingela emva komhlangano, futhi nganginentshebe ende *kangako*, futhi ngangingazange ngigeze amaviki amane, nga—nga—nganginuka njengegghashi, futhi nje ngangi... Sasinamashumi amabili-nanye omhlambi wamahhashi emuva phakathi lapho, futhi ngakho-ke sasidingeka nje sihlale nalawomahhashi ngaso sonke isikhathi, ngase ngiphuma, futhi ngangidonsa ngikhuphula izikhwama, isigqoko esidala esidonselwa phansi sisuka kuleyomvula namaqhwa, nobuhwanqa obuthi abubebude *kangako*, buphenduka bubampunga, futhi—futhi nje—nje ngingcole ngakho konke.

<sup>44</sup> Futhi sama endaweni encane ebizwa nge-East Pine, emuva le enhla enyakatho yeBritish Columbia kuMgwaqo omkhulu u-Alcan. Ngibone amanye amaNdiya eza edlula, efake lawomamokhasini amhlophe, futhi ehamba *kanjalo*. Futhi ngabona omncane, owesifazane onobuso obubomvu wayelokhu engibuka, angazi noma wayengumEskimo noma



umNdiya, wayelokhu engibuka *kanje*. Futhi nje ngaqalaza, angiboni ukuthi wake wabubona kanjani ubuso bami, intshebe iphume yonke *kanjalo*, ngadonsa ngakhuphula izikhwama, futhi ngezwa umuntu engiqhweba ehlombe. Ngaphenduka, owesifazane wathi, “Uxolo. Awusuye uMfowethu Branham na?”

Ngathi, “Yebo, mem.” Ngathi, “Uke wangazi kanjani na?”

Wathi, “Ngibona isithombe sakho.”

Ngathi, “Kuphi na?”

Wathi, “Isihlibhi senja sidlula kanye ngonyaka, futhi saletha incwadi yakho ebizwa ngokuthi, *UmProfethi Uvakashela I-Afrika*.”

<sup>45</sup> UMfowethu Rasmussen, senake nezwa ngaye na? Walahlekelwa ukhiye wemoto yakhe, futhi ngangena eDawson Creek, o, yidolobha elikhulu, cishe amakhulu amahlanu, abantu abangamakhulu ayisithupha, futhi khona impela ekuqaleni koMgwaqo u-Alcan, ngibone isayini enkulu engukhiye, ngase ngithi, “Mhlawumbe ngingayithola indoda ukuba yenze ukhiye.” Nakho kumi inhlama endala, o, he, ubuso bakhe, ikhala lakhe lilikhulu njengesiphetho sesandla sami cishe impela, livuvukele, libomvu, igqoke ijakhethe ende enkulu, ngase ngibuza lendoda, ngathi, “Ungasenza isikhiye semoto na?”

Yathi, “Qhabo, mnumzane, angikwazi.”

Ngathi, “Ngiyabonga.”

<sup>46</sup> Ngaphuma, ngezwa omunye umuntu engiphendula, ngabuka futhi nje okubukeka njengamehlo amancanyana ehlezi emuva kwabo bonke lobo boya. Leyondoda yangibuka ebusweni, yathi, “Ya, ngikhulwa ukuthi ngiqinisile.”

Ngathi, “Usho ukuthini, mnumzane na?”

Yathi, “UnguMfowethu Branham, awusuye na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane. Ungaze kanjani na?”

<sup>47</sup> Yavele yaqala ukukhala, izinyembezi zehla kuleyontshebe, yangigona kanjalo. Yathi, “Ngingumfowenu.” Yathi, “Ngingenye yezincwadi zakho. Nginemikhukhu eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili entanjeni yami yokucupha, kungithatha amaviki amabili ukwenza umzuliswano ngesihlibhi senja.” Yathi, “Ngokukhanyisa amakhandlela ubusuku obuningi ngiye ngaguqa phansi ngasekhandlelani elidala likagrisi phandle lapho kulezozindawo futhi ngakukhulekela.” Yathi, “Nginombhaphathizo kaMoya oNgcwele,” yathi, “ngingumfowenu.”

Nxa sifika sonke eZulwini,

Lolo kuyoba usuku lokuthokoza okukhulu!

Nxa sonke sesibona uJesu,

Sohlabelela futhi simemeze ukunqoba.

Singeke na? He, he!

<sup>48</sup> Emhlabeni jikelele, ndawo zonke, uNkulunkulu unabantwana baKhe. Ngena emkhunjini wesitimu, futhi uqale ndawondawo...Bengingale eJamai-...O, ngiyama nje, lokho ngukuthi, siyasukuma nje, silokhu sifakaza. Noma ngabe bakuphi, noma yimiphi imikhakha yempilo, ndawondawo umuntu othize uzwile ngamandla kaNkulunkulu ukuphulukisa abagulayo.

<sup>49</sup> Ngiyafisa, kulobubusuku angeke, angizukushumayela ngoba ngifuna ukukhulekela abagulayo kulobubusuku. Kodwa nje ukunijwayeza manje e—emhlanganweni okwemizuzu eyishumi nanhlanu elandelayo noma kanjalo, ngifuna ukuninakisa umBhalo otholakala kuMathewu oNgcwele isahluko 14, ivesi 27. Futhi ngithanda manje ukuthi nizohlonipha ngokuzithoba ngakho konke, niyabo. Lalelani manje futhi nibambe amazwi.

<sup>50</sup> Bangaki olapha ongakaze abe komunye wemihlangano phambilini na? Ake sibone izandla zenu. O, he, sonke asikwazanga ukungena endaweni ngesikhathi esisodwa, kungukuthi, cishe impela uhhafu wesixuku asikaze sibe semhlanganweni phambilini. Siyanemukela ngempela lapha, mfowethu nodadewethu ongumhambi. Siyizakhamizi kanye nani kuloMbuso omkhulu kaNkulunkulu, sijabulela umnotho waKhe woBukhona bukaNkulunkulu nombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

<sup>51</sup> Mina, njengokukhulekela abagulayo, angizisho ukuthi ngingumphulukisi, munye kuphela uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu, futhi sithunyelwe nje njengezinceku zaKhe. Kodwa ngiyasho ukuthi uJesu Kristu uyeza masinyane, ngibheke Yena. Uma Engafiki kulobubusuku, ngizobe ngiMbhekile ekuseni; Akezi kuleliviki, ngizoMbheka ngeviki elizayo; Akezi kulonyaka, ngizobe ngiMbhekile ngonyaka ozayo, ngifuna ukulungela lapho Efika.

<sup>52</sup> Futhi ngikholwa ukuthi Wethembisa, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Futhi siyathola ukuthi eSodoma i, kwakukhona i—i—izoni, isigejane sezoni, abaseSodoma; khona-ke kwakukhona isigejane samaKristu, amakholwa asivivi ayemele ibandla elihlala phakathi kwabo, uLoti nabantu bakhe, abantu bobungcwele, izono zomuzi zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo; khona-ke kwakukhona iqembu elikhethiwe u-Abrahama ayenalo, ababizelwe ngaphandle, futhi ngamunye wabo wemukela isibonakaliso. Futhi ngikholwa ukuthi isibonakaliso iNgelosi yeNkosi eyasenzayo, sabonakaliswa enyameni lapho, kwakuyisibonakaliso sokubonakaliswa kukaKristu eBandleni laKhe ngezinsuku zokugcina.

<sup>53</sup> Manje, uJesu wathi, uJohane oNgcwele 14:12, “Imisebenzi

engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza.” Wathi futhi, “Kuseyisikhashana nezwe,” inqubo yezwe, “lingabe nisaNgibona, nokho niyoNgibona nina,” iBandla, amaKholwa, abaBizelwe ngaphandle, abaKhethiweyo, “ngokuba Ngi,” *ngi*, hhayi omunye umuntu kodwa *ngi*, isabizwana somuntu, “Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe.” AmaHeberu 13:8 athi, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

<sup>54</sup> Khona-ke uma Enguye namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, UnguMsindisi ofanayo, uMphulukisi ofanayo, uPristi oMkhulu ofanayo, iNkosi efanayo, Unjengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, kuphela esikhundleni sokuba semzimbeni wenyama obizwa ngoJesu, uNkulunkulu uphila eBandleni laKhe, umzimba wakho, umzimba wami, ukuthi Wangcwelisa ngeGazi laKhe uQobo ukuze Asihlanze ngesigezo samanzi ngeZwi, futhi anikele kuNkulunkulu iBandla elingenabala nambimbi. Ukuthi Yena, “Imisebenzi eNgiyenzayo, uyakuyenza, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo,” ongaPhezu kwemvelo.

<sup>55</sup> Kulungile, kuMathewu 14:27:

Futhi *uJesu wakhuluma kubo masinyane, . . . ningesabi. . . Yimani isibindi; yimina; ningesabi.*

<sup>56</sup> *Ningesabi, YiMina.* Manje, thwala lokho engqondweni yakho manje, ngenhlonipho yokuzithoba, futhi wena ikakhulukazi ogulayo, nawe ongasindisiwe, ongakangeni enhlanganyelweni kaMoya okwamanje, thwala lokho engqondweni yakho, futhi ngizosheshisa nje ngokukhulu ukushesha engingakwenza, ngibize umugqa womkhuleko.

<sup>57</sup> Bhekisizana lengxoxo, asibhobokele, futhi manje senze umdlalo wasesiteji omncane ngakho ukuze abafu abasha bezokwazi ukukubamba. Ilanga lalisanda kushona nje, noma, lalishona ngaphesheya komkhathizwe entshonalanga ngenkathi ukuthi nhla kokugcina kusoLwandle lwaseGalile. Sengiyazibona izinkonyane ezinemisipha zomdobi omkhulu lapho efuqa isikebhe esincane ngasemuva, lapho umnsalo waso uphusheka emanzini, abantu bemi ezingwini bevayizela futhi bekhala. Lapho ekugcineni ethatha isikebhe esincane sasuka ohlalwini singena emanzini, ekhuphukela maphakathi nesikebhe lapho umfowabo, u-Andreya, wayehlezi eceleni kwesigwedlo, futhi wathatha indawo yakhe. Babenza ukushaya noma kabili, bese-ke bevayizela kubantu osebeni, ukushaya noma kabili, bese bevayizela kubantu osebeni.

<sup>58</sup> Emva kwesikhashana, lapho ukuhwalala kuqala ukungena, base bengasabonwa manje, futhi kufanele ukuthi kwakunguJohane omncane, wayengomncane kunabo bonke phakathi kwabo, kufanele ukuthi kwaba nguye owalinda umzuzwana, wamisa ukugwedla kwakhe imizuzwana embalwa

nje ukuba abambe umoya, njengoba babenebanga impela, nokho, ukuba banqamule iGalile. Futhi ngenkathi ema ukuba athole umoya wakhe, ufanele ukuthi washo into ethize enjengale, lapho esula umjuluko ebusweni bakhe, wathi, “Bazalwane, singaqiniseka ukuthi iNdoda esiyilandelayo ayiyona inkohliso. Namhlanje ngenkathi ngimi phezu kwehlombe laKhe, futhi ngaMbhekisisa ethatha lezozinhlanzi ezincane futhi azihlephule zibe kabili, futhi ngabhekisisa, kwathi nje Angahlephula, nakho kuphuma enye ingxenywe yenhlanzi epehkiwe. Futhi ngiMbonile ethatha lesosinkwa futhi ehlephula lesosinkwa, futhi wanikeza abazalwane, njalo lapho Ehlephula ucezu lwesinkwa, singakasuki nje isandla saKhe, kwakukhona olunye ucezu lwesinkwa lapho.”

<sup>59</sup> Ngifuna ukunibuza: Hlobo luni lwe-athomu Aludedelile na? Hhayi ukolo, isinkwa esesivele sibhakiwe, seqa eziko, njengoba Enza isimangaliso saKhe sokuqala eKhanani. Lawomanzi ekugcineni ayeyoba yiwayini, nyuka edabula emivinini ayongena egilebhisini, ecutshuziwe, aba yiwayini. Kodwa Weqa kodwa lokho, WayenguMdali qobo lwaKhe. Ngakho ekuvukeni okukhulu, Uyomeqa ubaba, umama, azale lokhu, Uzokhuluma futhi sizovela othulini, njengoba Enza kuLazaru.

<sup>60</sup> Futhi uJohane ufanele ukuthi wathi, “Uyazi, namuhla bekuwusuku oluxazulule konke ukungabaza engqondweni yami. Akunandaba ukuthi orabi nabafundisi balolusuku basho kangakanani ukuthi Akasuye uNkulunkulu, ngiyazi ukuthi Unguye. Ngokuba ngiyakhumbula umama wami engifundela emiBhalweni engcwele, emiBhalweni egoqwayo ka-Eksodusi, kanjani ukuthi ngenkathi belambile, njengoba lababantu bebenjalo namhlanje, uNkulunkulu wehlisa isinkwa sivela eZulwini, wasibeka emhlabathini. Ngakho, ngenkathi ngibona. . . Ngathi kumama, ‘Mama, ngabe uNkulunkulu unawo yini uhavini omkhulu phezulu Lapho ukubhaka lesosinkwa na?’ Wathi, ‘Qha S’thandwa, uNkulunkulu unguMdali.’

<sup>61</sup> “Futhi ngenkathi ngiMbona ehlephula lesosinkwa futhi namhlanje, ngazi ukuthi Lowo kwakuyilowoMdali ofanayo. Akabukekanga yini njengoJehova ngenkathi Ema lapho ebuka isixuku, futhi ehlephula lesisinkwa futhi esidlulisa na? Ngicabange ngezindaba zeBhayibheli umama wami ayevame ukungifundela zona ngoJehova ephakela abantu baKhe isinkwa esivela emaZulwini. Futhi namhlanje uJehova uhlala efana, ngoba namhlanje, bazalwane, simbonile uJehova ehlephula isinkwa futhi asinike abantu baKhe futhi futhi ephindaphinda, impela Ufanele abe yilokho Athi Uyikho, iNdodana kaNkulunkulu.”

<sup>62</sup> Futhi lapho uJohane osemncane amiswa khona-ke umzuzwana nguSimoni Petru owayehlala njalo edingeka asho okuthize, futhi wathi, “Awu, sisaphumule umzuzwana, ngithanda ukunikeza ubufakazi bami siqu, kungukuthi uJohane

enikeze obakhe. Ngiyakhumbula ngenkathi u-Andreya, umfowethu, ehlezi lapha, wayevame ukungitshela, 'Ufanele wehle futhi uzwe umprofethi eshumayela, ebikezela ukuthi kuza uMesiya.'

"Futhi ngathi, 'Hlobo luni lwezingubo azigqokayo na?'

"Wathi, 'Wayembethe isikhumba semvu, evela ehlane, ungu-Eliya okwakhulunywa ngaye ukuba afike, ngiyakukholwa.'

<sup>63</sup> "Kwase kuthi-ke ngolunye usuku uyabuya futhi wangitshela ngenye iNdoda eyehlayo, uMfo osemncane cishe oyintanga naye, nakho mayelana nohlobo oluthile lokuKhanya okuyimfihlo phezu kwesiqongo saKhe, noma okuthize." Futhi wathi, "Lomprofethi wathi wezwa iPhimbo lithi, 'Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo.' Ngazi kanjani ukuthi yini okufanele ngiyikholwe okushiwo yilowomprofethi na? Angikaze ngimuzwe, angazi lutho ngaye, ngakho ngavele ngayiphebeza yonke into njengesigejane sombhedo, futhi ngacabanga ukuthi umfowethu wayecasuke kakhulu.

<sup>64</sup> "Kodwa ngolunye usuku Wehlela ngasolwandle, futhi ngacabanga, 'Awu, ngikholwa ukuthi ngizohamba ngenyukele lapho, akuphumile kakhulu endleleni yami, ngizohamba ngenyuke futhi ngibone ukuthi loMfo uzothini.' Ngokushesha nje kunokuba ngenyukele lapho ngazi ukuthi kwakukhona into ethize ehlukele ngaleyoNdoda. Futhi ngasho into eyodwa ngaphambi kokuba ngenyukele lapho, ngiyamkhumbula ubabayi wami omdala, wayengumFarisi omdala omkhulu njengoba nonke nina bazalwane nazi, futhi ngiyakhumbula ngenkathi sasivame ukudoba phandle lapha olwandle, wayekholwa kakhulu. Ngiyakhumbula ngaphambi kokuba aphume wayethi, 'Simoni, ndodana yami encane, asiguqe futhi sicele uJehova, Ongumnikazi wezinhlanzi zonke, ukuthi Uzogwalisa amanetha ethu kulobubusuku ngezinhlanzi, ngokuba ngiyakudinga, sidinga isinkwa ekhaya. Futhi ngi... sinesidingo sezinhlanzi, ngakho asikhuleke, Simoni.' Sasivame kanjani ukuguqa ogwini futhi sikhuleke!

<sup>65</sup> "Ngambhekisisa lapho izinwele zakhe ziqala ukushelela, ziba mpunga. Ekugcineni, ngolunye usuku wahlala phansi eceleni kwesikebhe emva kokubamba okukhulu, ukuthi uNkulunkulu wayewuphendulile umkhuleko, futhi wathi, 'Simoni, mfanyana wami, uBabayi useyaguga, futhi ngifanele ngiphendule ukubizwa kwami, masinya nje, kweliPhezulu. Bengihlala njalo ngikhuleka, Simoni, ukuthi ngizophila ngize ngibone usuku lapho uMesiya ebonakala khona. Manje, Simoni, akukho kungabaza ngaphandle kokuthi kuyobakhona inqwaba yokudideka ngalolosuku, kuyobakhona zonke izinhlobo zezinto ezivuka ngokwamanga ngaphambi nje kwalowoMesiya ozayo. Kodwa ngifuna ube, ngikholwa ukuthi uzokubona, Simoni, ngakho ngi-ngifuna uqiniseke ngento eyodwa, Simoni,

ungakwemukeli neze ngaphandle uma kunesibonakaliso sikaMesiya. Qiniseka ukuthi lesosibonakaliso sikaMesiya singokombhalo. Futhi manje lapha, Simoni, nakhu ukuthi uzoMazi kanjani . . .’

“Futhi ngiyakhumbula ngihlezi edolweni lakhe futhi ngibuka emehlweni akhe lapho eqhaq hazela futhi egcwele izinyembezi. ‘Baba, Uzobukeka enjani na?’

<sup>66</sup> “‘Uzoba nguMuntu ojwayelekile nje, futhi mhlampe engathandwa phakathi kwabantu bakithi. “Uzoba yiNdoda yosizi, ejwayelene nosizi.” Uzolahlwa futhi adelelwe, kodwa, Simoni, kuyobakhona amadoda amaningi anqatshwayo nadelelekile, kodwa loMuntu uyoba ngumProfethi, ngokuba uMose wathi, “INKosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami.””

<sup>67</sup> UMose wayengumfanekiso ophelele kaKristu, umnikezeli-mthetho, umpristi, umkhululi, kanjalonjalo, njengoba iBhayibheli lifunda ngaye.

<sup>68</sup> “Futhi uMose wathi uNkulunkulu wamtshela ukuthi kuyovuka umProfethi onjengaye, futhi lona uyoba ngaphezu komprofethi, Uzoba nguNkulunkulu-mProfethi. Futhi nizoMkhumbula, nokho, uMose, njengoba bonke abantu bakithi benzile, noma, nizoMkhumbula, Simoni, njengoba bonke abantu bakithi bazi ukuthi abaprofethi bathunyelwa bevela kuNkulunkulu. Nabaprofethi bane . . . ungumambuli weZwi lobuNkulunkulu, ungumhumushi ngokukaNkulunkulu weZwi lobuNkulunkulu. Futhi uma lomprofethi esho okuthize, noNkulunkulu ekusekela, khona-ke lowomprofethi uvela kuNkulunkulu, ngoba uma esho okuthize, lelo yiZwi likaNkulunkulu, isithembiso sikaNkulunkulu, noNkulunkulu uyaphenduka ngalowomprofethi futhi akusekele, futhi athi kuyiqiniso, khona-ke uyamuzwa, ngoba lowo ngumyalo wethu, Simoni. Ungadukiswa, Simoni. Kodwa manje, Simoni, lapho ubona lezozinto zifezeka, qaphela lomProfethi.’

<sup>69</sup> “Futhi ngalolosuku konke lokho kwakubonakala kubaneka kimi, ngokuba ubabayi wami sekuyiminyaka ashona. Kodwa ngenkathi ngenyukela lapho, ngiqala ukubuka lowoMfo omncane, akukho buhle esifanele sibufise, sacashisa, njengoba kwakunjalo, ubuso bethu, ngacabanga, ‘Yilokho impela nje uBabayi angitshela khona umBhalo owakusho ngaYe. Akuhlukile kunoma yiyiphi enye indoda, wayebukeka njengamanye amadoda.’

<sup>70</sup> “Kodwa ngenkathi ngenyukela ebusweni baKhe, Wangibuka ngqo, wayesethi, ‘Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJona.’ Akusikho kuphela ukuthi Wayengazi, kodwa Wayemazi lowo omesabayo uNkulunkulu, ubaba wami omdala oshowashona.

71 “Ngawa ngasezinyaweni zaKhe, ngathi, ‘Wena unguMesiya!’” Wathi, “Lokho kwangixazululela khona, ngokuba ngiyazi ukuthi ubabayi wami wayengifundise imiBhalo, ukuthi leso kwakuzoba yisibonakaliso sikaMesiya.”

72 Kufanele ukuthi kwakunguFiliphu cishe ngalesosikhathi wathi, “Yebo, Simoni, ngangimile, ngikubonile lokho. Niyazi ukuthi ngenzeni na? Ngathathela ngazungeza igquma ukuthola umfowethu uNathanayeli, ehlezi phezulu lapha. Nathanayeli, uyakukhumbula na?”

“O, yebo, Filiphu, ngikukhumbula kahle.”

73 “Ngiyakhumbula ngazungeza intaba, futhi nga—ngathola uNathanayeli ekhuleka ngaphansi kwesihlahla. Ngase ngithi, ‘Nathanayeli, woza, ubone ukuthi nguBani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa!’ Futhi uyakhumbula ukuthi wena wathini, Nathanayeli na?”

74 “Awu ngiyakhumbula, ngathi, “Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha phakathi kwalabobagingqiki abangcwele na?” Noma ngabe ufuna ukukubiza ngani. Kukhona uMesiya ozayo, Uyokwenyukela lapha kuKayafase umpristi omkhulu, Uyofika Azazise enhlanganweni yethu. Ngakho kwakungeke kube khona noma yini eyaphakama phansi lapho phakathi lapho ukuthi, noma yiyiphi “indodana kaJosefa,” noma kanjalonjalo, yayingake ibe yinoma yimuphi uMesiya.’ Futhi niyakhumbula na? Ngiyakhumbula owangitshela khona, futhi, Filiphu.”

“Kwakuyini na?”

“Wathi, ‘Woza ubone.’”

75 Lowo ngumqondo ongcono kakhulu, ungalhali ekhaya futhi ugxeke, woza uzitholele wena. Woza, ukuhlole ngeZwi, ubone ukuthi kuqinisele yini. Leyo isayense yezenkolo enhle. Woza, uzibonele.

Wathi, “Yebo, ngiyakukhumbula.”

Futhi wathi, “Uyakhumbula ukuthi sakhuluma ngani siza, Nathanayeli na?” Isikebhe sasiyendezela ngasemagagasi amancane manje, siwela ulwandle.

76 “Yebo, ngiyakhumbula.” Bonke babenikeza ubufakazi babo siqu ngoJesu, ababekucabanga ngaYe. Futhi ngakho, wathi, “Yebo, ngikhumbula kahle. Yebo ngiyakhumbula, sasikhuluma ngawe, Simoni, ya. Ngi. . . Wathi, ‘Uyamkhumbula lowomdobi omdala owayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo erisidini yenhlanzi yakho na?’”

“Ya.”

77 “Wathi, ‘Wamtshela ukuthi wayengubani nokuthi uyise wayengubani. Manje, uyazi Nathanayeli, ukuthi uyisifundiswa esikhulu, futhi uyazi ukuthi iBhayibheli liyasho ukuthi uMesiya

uzoba nguNkulunkulu-mProfethi, siyoMazi ngesibonakaliso somprofethi.”

“Yebo, ngiyakukhumbula lokho. Futhi ngiyakhumbula wangitshela ukuthi Angahle angitshela ukuthi ngangingubani ngenkathi ngifika phambi kwaKhe. O, ngiyakukhumbula lokho.”

“Awu manje, Nathanayeli, ufuna ukufakaza phandle lapha na?”

“Impela ngiyafuna, bazalwane. O, he!” Uma uke wahlangana noJesu uyathanda ukuxoxa ngakho.

<sup>78</sup> Sengiyambona esukuma esikebheni esincane, futhi ethi, “Bazalwane, ngenyukela lapho, ngazibuza ukuthi yini leyoNdoda. . . Ngangimzwile uFiliphu ekhuluma ngaYe, futhi ngacabanga, ‘Awu, impela uFiliphu ubengeke angitshela lutho olungalungile.’ Ngafika lapho, ngabona iqembu elincane labantu,” o, mhlasimbe mhlawumbe okunjengalapha kulobubusuku, noma okuthize, wathi, “iqembu elincane labantu limi ngapho,” mhlawumbe wayesemgqeni womkhuleko, “futhi lapho ngisukuma phambi kwaKhe, Wangibuka, Wayesethi, ‘Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!’

<sup>79</sup> “Futhi ngacabanga, ‘Manje, lokho kuyaxaka, angikaze ngiMbone phambilini, futhi Akakaze angibone phambilini. Ngakho Wazi kanjani ukuthi ngingumIsrayeli na? Wazi kanjani na? Ngingaba ngumArabu, ngingaba ngumGreki, ngani, sonke sigqoka ngokufanayo, ngakho Wazi kanjani ukuthi ngangingumIsrayeli, futhi ngangingenankohliso, nganginge—elungileyo, indoda eqotho na?’ Ngakho ngathi kuYe, ‘Rabi,’ ngangafuni ukunganaki, ukungaMhloniphi, ngakho ngathi, ‘Rabi, Uze wangazi kanjani na? Awukaze ungibone, futhi Awungazi, kungokokuqala ukuba sibonane, ngakho Ungaze kanjani na?’

“Wathi, ‘Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.’”

<sup>80</sup> “Yebo,” kwasho uFiliphu, “Ngiyakhumbula ukuthi wenzeni, wawa ngasezinyaweni zaKhe, futhi wathi, ‘Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.’”

<sup>81</sup> “Awusho, uyamkhumbula uRabi Lavinski laphaya, ukuthi wathini na? Wathi, ‘Manje, bukani, bandla, ningayikholwa leyonto, lowo nguBelzabule, lowo ngudeveli kulowomuntu, enza lokho, ungumbhuli. Niyabo? Niyakhumbula ukuthi uJesu wathini kuye na? Wathi, ‘Ngiyanithethelela ngalokho, kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza, futhi Uzokwenza into efanayo, futhi uma ukhuluma izwi elimelene naWo, anisoze nathethelela khona kulelizwe, nasezweni elizayo.’ Niyakukhumbula lokho na?”

“Yebo, yebo, siyakukhumbula lokho.”



Kufanele ukuthi kwakungu-Andreya, ehlezi eceleni kukaPetru, ngaleyonkathi, wathi, “Ngingafakaza, bazalwane na?”

“Yebo.”

<sup>82</sup> Wathi, “Ngifuna ukukhulumela lonke iqembu lethu.” Wathi, “Ngenkathi, ngalolosuku, ngenkathi sehlela eJeriko sivela eJerusalem, sehlela eJeriko, sehla ngqo entabeni, kodwa Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya, sasihlala simangala. Manje, ngiyaMkhumbula etshela labobapristi ngalolosuku, ukuthi Wathi, ‘Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo.’ Ngakho, siMbonile ngalolosuku ehamba edabula ezixukwini zezinyonga, izimpumputhe, izishosha, abasontekile, abashwabenyayo, wayesethola indoda ilele ohlakeni, wathi, ‘Thatha uhlaka lwakho ungene endlini yakho.’ Indoda yaMlalela.

<sup>83</sup> “Umpristi waMbuza, Wayesethi, ‘Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise.’ Futhi Wayazi ukuthi indoda yayikade ikulesosimo. Mfowethu, lokho kwakuxazulula, ukuthi Wayeyi. . . Wazi, uNkulunkulu wayeMkhombisile ukuthi enzeni, wakhombisa ukuthi ubani, lapho indoda yayikhona, wazi ukuthi yayisibe ngaleyondlela iminyaka engamashumi amathathunesishiyagalombili, yayingakhubazekile, noma yayingesiyo inyonga, yayikwazi ukuhamba, yathi, ‘Lapho ngehla, omunye umuntu uhamba phambi kwami.’”

“Yebo, ngiyakukhumbula lokho.”

<sup>84</sup> “Futhi, ngandlela thize, Waholwa ngokuxakile; futhi sonke siyakwazi lokho. Senyukela eSamariya. Futhi akumangalisi na? Ngenkathi sifika nje ngaphandle komuzi lapho kulowomthombo, Wahlala phansi kulomthombo, futhi wasithuma sonke.”

“Yebo,” abazalwane bathi, “Yebo, ngi. . .ngani, siyakukhumbula lokho, Andreya, kahle kakhulu.”

<sup>85</sup> Futhi wathi, “Ngenkathi sehlela emzini, Johane, yilapho owabukisa khona futhi wawufuna ukushisa umuzi, uyazi, kodwa, ngoba bebengeke basinike okuthize ukuba sikudle. Kodwa siyabuya, futhi niyazi lapho sibuya senyuka ngezihlahla lapho, samangala kakhulu ngenkathi sibona iNkosi yethu ikhuluma nowesifazane, intombazane esencane, intombi, mhlampe unyaka waYo. Futhi niyakhumbula, wayesanda kudonsa imbiza yamanzi ngenkathi sikhuphuka, ngakho, sasifuna ukubona ukuthi Wayezokwenzani. Ngakho, Wathi, ‘Sifazane, Ngiphuzise.’

<sup>86</sup> “Futhi ngokushesha waMbuka, wayesethi, ‘Akusilo isiko kini maJuda ukuba nisicele thina maSamariya izinto ezinjalo, asidlelani, sinokwehlukana lapha, Awufanele usho into enjengaleyo kimi.’

87 “Futhi Wathi, ‘Kodwa ukuba bewazi ukuthi uBani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi, futhi beNgiyokunika aManzi ongezi ukuzokha lapha.’

“‘Ngani,’ owesifazane wathi, ‘Umthombo ujulile, Awunalutho lokukha.’

“Niyakhumbula, bazalwane, ukuthi sonke sathi nyelele kanjani phansi ngaphansi kwalesosihlahla futhi salalela ukubona ukuthi Wayezothini na?”

“Ya, ngiyakukhumbula, khona emva komthombo lapho.”

88 “Futhi, Andrey, uyakhumbula, ngizamile ukufuqela ikhanda lakho lishone phansi, uzama ukulunguza odongeni na? Futhi ngakho, salalela ukubona ukuthi Wayezothini kulona wesifazane. Ngakho, usondela kakhudlwana kuYe, wayesethi, ‘Obaba bethu bakhuleka kulentaba, Wena uthi eJerusalema.’

89 “Niyayikhumbula ingxoxo yaqhubeka isikhashanyana na? Futhi emva kwesikhashana, Wambuka ngqo ebusweni, Wayesethi, ‘Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.’

“Niyakhumbula ukuthi wathini na? ‘Anginandoda.’

90 “‘O,’ sacabanga, ‘manje, manje kukhona okuMbambile, manje Usekutholile! Lowo wesifazane wathi...’ Manje, siyazi uma owesifazane ubengakhuluma amanga, futhi Ubeyoba nguNkulunkulu wethu, iNkosi yethu, siyazi ukuthi lowo wesifazane mhlawumbe ubeyofa, khona impela emikhondweni yakhe.” Kunjalo. Ukuphikisa iZwi likaNkulunkulu ebusweni baKhe ngqo na? “Ngakho samangala ukuthi kwakuzokwenzekani. Wathi, ‘Anginandoda.’

91 “Wathi, ‘Usho iqiniso.’ Ngakho samangala ukuthi kwakuzokwenzekani, khona-ke siyaMuzwa ephakama futhi, wathi, ‘Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho, ngakho usho iqiniso.’

“Niyakukhumbula ukubukeka kobuso balowo wesifazane na? Izinwele zakhe zawela phansi, awakhe amakhulu, amehlo amahle abuka phandle lapho, wanwaya ikhanda lakhe, wathi, ‘Mnumzane...’

“Manje, Johane, thula du, ngiyazi ukuthi utheni, ‘Uzothi UnguBelzabule.’” Niyabo?

“Kodwa wathi, ‘Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena.’”

92 Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma abashumayeli azi, wathi...kulesosimo. O, yebo, ukuqeqeshwa ngokweqile, ulwazi lwasekhiliji lesayense yezenkolo lukususa kuYe, ngezinye izikhathi, kude kunokuhamba esitaladini.

93 “Manje, lapho wathi, ‘Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Thina maSamarिया siyazi ukuthi kuza uMesiya, othiwa uKristu, OGcotshiweyo, umProfethi uMose akhuluma ngaye,

futhi siyazi lapho Efika, Uzositshela lezizinto, ngoba lokho kuzoba yisibonakaliso sikaMesiya, Uzoba ngumProfethi othunywe nguNkulunkulu. Siyazi ukuthi Uyeza.’

“UJesu wathi, ‘NginguYe.’” O, he! “‘NginguYe okhuluma nawe.’

<sup>94</sup> “Waphinde wabuka futhi, wawisa leyombiza yamanzi, wayesesuka wangena emzini ngamandla akhe onke. Niyakhumbula sa—saya ngale, sathi, ‘Yidla Nkosi, yidla Nkosi?’

“Wathi, ‘Nginesinkwa sokudla eningasazi.’

<sup>95</sup> “Futhi saqhubeka sehlela edolobheni, futhi nakhu kuphuma amadoda. Futhi siyakhumbula lowo wesifazane ehla ngesitaladi, sasikuzwa kuthi ngqu kulowomthombo, onke amadoda azungeze indawo yemakethe, wayethi, ‘Wozani, nibone uMuntu! Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini lona kanye uMesiya na? Lesi akusona yini isibonakaliso sikaMesiya na? Yebo, wozani nibone uMuntu ongitshele engikwenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?’

<sup>96</sup> “Futhi bazalwane, niyakhumbula ngenkathi onke lawomadoda ephuma lapho, futhi abukholwa lobo bufakazi bowesifazane, futhi aMemukela njengoMesiya. O, sonke sakufakaza lokho, ngakho sonke siyazi,” bafanele ukuthi bathi, “bazalwane, ukuthi *siyazi* ukuthi UnguMesiya.

<sup>97</sup> “Futhi Uyasethembisa manje ukuba singayi kunoma yibaphi abeZizwe, lokho kuzoba okomunye unyaka, kodwa hambani, kunalokho, niye ezimvini ezilahlekileyo zakwa-Israyeli. Niyabo? Manje, isimanga Uzazise Yena uqobo kumaJuda, Uzazise Yena uqobo kumaSamariya, kodwa hhayi koweZizwe. Mhlawumbe uzokwenza lokho kamuva, abambhekile uMesiya.”

<sup>98</sup> Manje, kufanele ukuthi kwakucishe kube ngalesosikhathi uSathane abuka ngaso phezu kwesiqongo segquma emva kokuba sekumnyama. USathane uyakwesaba ukukhanya, noma yimuphi udeveli uyakwesaba ukukhanya. Kunjalo. Noma yini enwabuzelayo, into embi yesaba ukukhanya.

<sup>99</sup> Uthatha isilwane sasendle emenweni yase-Afrika, noma ukuba phandle lapho uzingela, khanyisa nje ilambu, sezihambile, ziyakwesaba ukukhanya. Thola iphela elidala elicasulayo, uphose umnyombo we-apula phansi ndawondawo, lapho sekumnyama lizofika lidla, khanyisa ilambu nje futhi ulibhekisise licasha, impela. Izilwembu, nakho konke okunye, kuzosuka, ziyakwesaba ukukhanya. Yingalesosizathu abantu bayayesaba lena yakudala, imihlangano kaMoya oNgwele. Abantwana bobumnyama basebenza ebumnyameni, abantwana bokuKhanya bahamba ekuKhanyeni. “Nina ningukuKhanya kwezwe, umuzi ohlezi egqumeni.” Ungabeki isitsha phezu kwaKho manje. Niyabo?

<sup>100</sup> USathane wabheka ngale ngokushesha lapho kuba mnyama, wathi, “Awu, ngiqagele cishe sekuyisikhathi sokuba ngiqale ngizingela kuwo wonke amanayithiklabhu, namabha omculo wokuzijabulisa, yonke into.” Wathi, “Angazi ukuthi bakuphi labobafundi no—noJesu ukuphi.” Ngakho babheka, futhi lapho yena nawo onke amademoni akhe abuka, nakho babephandle olwandle ngaphandle kwaKhe. Wathi, “Manje yithuba lethu! Bahambile ngaphandle kwakhe, manje sesingaphindisela kubo.”

<sup>101</sup> Yilokho nje akubukayo kuwe nami, ukuba sike sihambe ngaphandle kukaJesu kanye. Ngikusho lokhu ngenhlonipho yokuzithoba nezinhlonipho: Ngiyesaba yilokho abantu bePentecostal abakwenzayo. Nihamba nilandela izakhiwo ezinkulu, nezinhlango ezinkulu, nemiphakathi, futhi niMshiyile. Nibhizi kakhulu ezinhlelweni zokwakha, ukhohlwe yimishini encane ezansi esitaladini, netamborini endala, isiginci; niyazesaba izigwebo zasejele, nezinto futhi, niyabo. Kukhona okungalungile, bahamba ngaphandle kwaKhe, bafikelwa ukuthukutheka, izinhlelo, kanjalonjalo, futhi bakhohlwa nguYe. Yingalesosizathu odadewethu bephungula izinwele zabo, futhi bagqoke lezi ezindadlana, izingubo ezingcolile, nabadikoni bafakwa ebandleni. . .

<sup>102</sup> Ngiyalazi ibandla lobuNgcwele, ibandla elikhulu lePentecostal, elinye lamakhulu kunawo onke e-United States, futhi ngazi umngani wami kulokho. . .indoda eya kulelibandla yathola owesifazane, intombazane esencane phakathi lapho eyayiyithanda kangcono kunoma yenza kumkayo, futhi yayinenhle, intombazanyana, futhi yashiya umkayo, yashada nalentombazane yebandla, futhi bayenza idikoni emva kwalokho. Mfowethu, ya, yahamba ngaphandle kwaKhe, yilokho kuphela engikwaziyo, bazalwane. Yebo. Ngoba yakhokha kanzima epuletini.

<sup>103</sup> Abantu sebeqala ukubheka kakhulu mayelana nemali, nokugqoka, nezinto ezinhle, kungcono ubuke *phezulu*, kungcono usuke kuleyonto, ngoba, khumbula, lokho ngukuholela eLawodikeya, okungukuthi unyaka webandla uyophuma ungene. Kugulisa uNkulunkulu esiswini saKhe, Uvele nje akuhlance emlonyeni wakhe, Washo. Nje beziphathisa okwamaKristu, Ufuna angempela, amaKristu azelwe ngokusha anokwangempela, ukukholwa kwangoqobo ukukholwa lonke iZwi uNkulunkulu alibhalayo. Manje, angifuni ukuqala ngalezozinto ngoba nginhlalisa lapha isikhathi eside kakhulu.

<sup>104</sup> Manje qaphelani, khona-ke uSathane ubabonile phandle lapho ngaphandle kwaKhe, wathi, “Nanti ithuba lethu lokuba siziphindisele kubo manje.”

<sup>105</sup> Futhi yilokho akwenzile ngebandla. Ngibiziwe namhlanje ngabanye babaxhasi bami emhlanganweni, bangibizele ibanga elide kulentambama, iqembu labefundisi bePentecostal, hhayi

iBaptisti, iPresbyterian, abefundisi bePentecostal, futhi bavuma ukuthi bebengakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, futhi bebengangifuni edolobheni, futhi bebengeke baxhase umhlangano lapho bebhulekela abagulayo. Abefundisi bePentecostal! Kuyadabukisa, akunjalo na?

<sup>106</sup> Ngaba nolunye ucingo, lwathi, oluvela eqenjini elathi, “Uma uvumela elinye iqembu lihlale emsamo nawe, asizukuzihlanganisa ngalutho nakho.”

<sup>107</sup> Lokho kubi kakhulu kunanini. Yini indaba na? Bahambe ngaphandle kwaKhe. Uthando lukaNkulunkulu enhliziyweni yethu lusiphoqelela ukuba sifinyelele kuwo onke amahlelo, yonke indawo. Lapho sekufika endawaneni ukuthi angeke ube nothando oluthambile lwaso sonke isidalwa esingumuntu, kukhona okwenzekile kuwe. UNkulunkulu wakuthanda kakhulu ngenkathi useyisoni, umfokazi, kude noNkulunkulu, isitha senhlalakahle yezwe lonke likaNkulunkulu, Wakuthanda kakhulu ngangokuthi Wanikela ngokuphila kwaKhe ngenxa yakho, impela.

<sup>108</sup> Uthola umoya kuwe, ungecono kunomunye umuntu, khona-ke—khona-ke umubi ukwedlula noma ubani omunye engimaziyo. Angikhathali uma uke ulunge kakhulu esayenseni yakho yezenkolo, izinjongo zakho nezimpokophelo kuyiphutha. Ngingaqoka ukuba—ngingaqoka ukuba nephutha kweyami—esayense yami yezenkolo, kunokuba ngibe nephutha enhliziyweni yami. Kunjalo. UMoya kaNkulunkulu uhlala enhliziyweni yakho.

<sup>109</sup> Ensimini yase-Edene umuntu wathatha okwakhe—okwakhe. . . waxegisa. Manje, ensimini yase-Edene kwakukhona ukukhetha okwenziwa ngendoda: Udeveli wathatha ikhanda layo, uNkulunkulu wathatha inhliziyo yayo. Futhi khona-ke uyithumela ekholiji, ayiqandise ngesayense enhle yezenkolo, bese eyiqeda amanzi emzimbeni phakathi lapho, futhi iyabuya iphume, ikhanda layo lonke likhukhumele, lilikhulu kakhulu ukuba lifake isigqoko esijwayelekile. Bese-ke iphuma inomunyo enhliziyweni yayo ngomfo oyisakhamuzi soMbuso na? Lowo akusuye uNkulunkulu. Kunjalo.

<sup>110</sup> USathane ubabonile behamba kanjalo, bengenaNkulunkulu, futhi ngakho wathi, “Manje asibasuse.”

<sup>111</sup> Futhi leyo yindlela enhle nje yokukususa, futhi. Mfowethu, lapho uthola indawo ongeke ukwazi ukufinyelela kuyo ngaphesheya kothango, uze ngaphesheya kwesitaladi, futhi uzihlanganise, futhi ubize indoda ngomfowethu, ngenxa nje yokuthi kungahle kube khona umehluko omncane wezinwele (Wazi kanjani ukuthi awehlukile kancane emehlweni kaNkulunkulu, into ethize encane.), futhi ube ngumfowethu na? Ngani, impela! Mfowethu, i-altare liyindawo yakho, kunjalo impela, lungisana noNkulunkulu. Bengingewufune lowomoya

omubi kimi. Kunjalo. Ngiyaxolisa ukubona lokho kungena ngesinyelela emaqenjini amaPentecostal, zonke izinhlangothi zawo, futhi, kuvela macala onke. Okokuqala, ibhodwe ngeke labiza iketela ngokuthi limnyama, ngoba okuyisithupha nje kokukodwa, uhhafu wedazini kokunye, ngakho kungamacala omabili.

<sup>112</sup> Kodwa, o mfowethu, ningalokothi nivumele leyonto embi ize kini madoda. Qhabo, mnumzane, mfowethu. Ninamathelane njengotiligi ekuseni okubandayo, ngempela nje, ninamathelana ngempela ndawonye, nibe wugqinsi. Kunjalo. Ngokuba . . . Ya.

Libusisiwe igoda elibophayo  
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;  
Inhlanganyelo yomqondo efanayo  
Injengalokho ngaPhezulu.

Phambi kwesihlalo sobukhosi sikaBaba  
wethu,  
Sithulula imikhuleko yethu ehlangene;  
(Kunjalo.)  
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, izinhloso  
zethu kunye,  
Zinduduzo zethu neminako yethu.

<sup>113</sup> Kunjalo. Yileyondlela esifanele sibe yiyo, yebo, impela, hhayi abahahayo, abanobugovu, abanganaki, abangamesabi uNkulunkulu. Izithelo zikaMoya ziluthando, ukujabula, ukubekezela, ubumnene, ububele, ukukholwa, ukukhuthazela. Yilokho-ke, leso yisithelo sikaMoya.

<sup>114</sup> Niyasazi isihlahla, uma isihlahla sinexolo lomthombe kuso nama-apula amila kuso, kuyini na? Yisihlahla sama-apula, ukuphila esihlahleni kuveza ama-apula. Akunandaba ukuthi isayense yakho yezenkolo iyini, ilungile noma ayilungile, uma uthela uhlobo olungalungile lwesithelo, uwuhlobo olungalungile lwesihlahla, mfowethu. UJesu wathi, “Niyakubazi ngesithelo sabo,” hhayi ngesihlahla sabo, kodwa ngesithelo sabo. Kunjalo. Qiniso.

<sup>115</sup> Manje, wababona ngaphandle kukaJesu. Futhi khona-ke uqala ukuphephetha umoya wakhe owuphoyizeni kubo, futhi isiphetho esikhulu sashanela phansi, nomkhumbi omncane wawusuzoqethuka, emuva naphambili, phansi naphazulu, emuva naphambili. Isikebhe esincane sigwala amanzi, isigxobo sensika saphephuka, izigwedlo zaphuka. Lokho sekuthi akube yisimo sokukhubazeka esingena kuso. Kunjalo—kunjalo.

<sup>116</sup> Uqala ukuphephetha umoya wakhe, ethi, “*Whewu!* Ungowenhlanganano yethu, kungenjalo awukho kunoma yini. Yithina oqinisile, bonke abanye banephutha. Zihlukanise.” O, he! “Ya, izinsuku zezimangaliso selwedlule. Awu, lokho kuphulukisa ngokukaNkulunkulu, akukho lutho kukho. A, ayikho into enjengalena, lokho, noma okunye.” O, he!

Niyabo, lokho ngukuphefumula okunguphoyizeni kukaSathane, “Ungazihlanganisi ngalutho naye, akakholwa njengoba senza.”

117 Kunye kuphela ukukholwa, lokho ngukukholwa kukaNkulunkulu. Kunjalo. Ukukholwa kukaNkulunkulu, ukukholwa kwakho kobuntu akuhambi kude kakhulu, kodwa ukukholwa kukaNkulunkulu kuwe:

Kukwenza uthande wonke umuntu,  
Kungenza ngithande wonke umuntu.

118 Kunjalo. Yilokho ukukholwa kukaNkulunkulu okukwenzayo kuwe, kukwenza ube nomuzwa ofanayo uJesu abanawo, ngoba uMoya kaKristu ukuwe.

119 Onke amathemba lalingasekho, base bethi nje abalungele ukucwila. O, babethi ababambane, futhi bethi, “Kungani sihambe ngaphandle kwaKhe na? AsiMcindezela ngani ukuba ahambe nathi na?”

120 Kodwa niyazi ukuthini? Wenza izinto ezinjalo ngesinye isikhathi, ukubona nje ukuthi sizokwenzani. Ngicabanga ukuthi Wakwenza ngaleyonkathi. Esikhundleni sokubashiya bonke ndawonye, niyazi ukuthi Wenzani na? Wayazi ukuthi lokho kwakuzokwenzeka. Uyayazi lento khona manje, eqhubekayo manje ebizokwenzeka. Kodwa niyazi ukuthi Wenzani na? Wakhwela igquma eliphakeme kunawo onke elalikhona ePalastina, wenyukela esiqongweni segquma ukuze Akwazi ukubona yonke indlela ngaphesheya kolwandle ukuba ababhekisise. O!

121 Ngenkathi Efa eKalvari, Wakhwela izindonga zaseKalvari waze Waqhubeka nokukhwela ngalokho kusa kwePhasika, waze Wakhwela waya ngale kwenyanga, izinkanyezi, ilanga, waze Wakwazi ukubona ePhakadeni uyongena ePhakadeni. Iso laKhe liphezu komzwilili, futhi ngiyazi ukuthi Ubhekisisa lomhlangano kulobubusuku. Ufuna ukubona ukuthi sizokwenzani.

122 Onke amathemba lalingasekho, babecabanga ukuthi konke kwase kwedlule, babezominza. Futhi ngenkathi wona impela umzuzwana obucayi, ngenkathi Esebabhekisisile, futhi nangu Eza ehamba eza kubo olwandle oluzanyazanyiswayo. Futhi manje, iphutha elidabukisayo abalenzayo, ngifuna ukusho ekuvaleni, yiphutha elifanayo elidabukisayo ibandla elilenzayo namhlanje, babeMesaba. Babecabanga ukuthi Wayeyisipoki, umoya, into ethize eyisipoki, ebhula, nodeveli, yilokho abakucabanga, baqala ukuthuthumela.

123 Kodwa lalala leloZwi eliduduzayo: “Ningesabi; yimani isibindi; yiMina.”

124 “YiMina!” Okuwukuphela kweNto eyayingabasiza, okuwuSizo kuphela lapho kwakungukusizwa, futhi babeKwesaba.

<sup>125</sup> Futhi namhlanje, into kuphela ezodiliza imigoqo, into kuphela engasihlanganisa ndawonye njengabafowethu namaKristu, into kuphela engasihlanganisa ndawonye futhi nguMoya kaNkulunkulu, noma, uthando lukaNkulunkulu, elichithekele ezinhliziyweni zethu, umlayezo womusa ovela kuNkulunkulu ukuthi asihlukene, sonke singuMzimba owodwa. UNkulunkulu uyabaphulukisa ngokufanayo nje njengoba babenjalo . . . noma ngabe bayini; asihlukene.

<sup>126</sup> Babona uMoya kaNkulunkulu owathenjiswa nguKristu qobo lwaKhe. Ngezinsuku zokugcina Wathi, “Njengoba kwenzeka eSodoma,” ngenkathi leyoNgelosi ithunywe nguMoya kaNkulunkulu, ibonakaliswe enyameni, idla inyama yethole, idla ubisi oluvela enkomazini, iphuza umbhobe, ubisi olunoshukela, noma ngabe kwakuyini, idla ibhotela esinkweni sommbila, ihlezi lapho idla njengomuntu, ifulathele itende ngomhlane waYo, isiHambi, ingakaze ibe ngalapho ngaphambilini, u-Abrahama wayengakaze aYibone. Ngokwazi kuka-Abrahama, Yayingakaze imbone. Futhi Yathi, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?”

<sup>127</sup> O! Yayazi kanjani ukuthi wayeganiwe na? Yayazi kanjani ukuthi wayenonkosikazi na? Futhi Yayazi kanjani ukuthi igama lakhe lalinguSara na?

<sup>128</sup> Sengathi ngiyabona u-Abrahama wathi, “*Ukuhola kwami kwakulungile!*” Wathi, “Usethendeni emva kwakho.”

<sup>129</sup> Yathi, “Abrahama, Ngizogcwalisa isithembiso saMi kuwe.” Qaphelani, hhayi iNgelosi, hhayi umuntu, kodwa “*Ngi, zogcwalisa esaMi,*” (isithembiso esinje pho!) “*eNgakuthembisa khona.*”

<sup>130</sup> O, he! Aniboni ukuthi kwakunguNkulunkulu na? U-Abrahama wathi kwakunguNkulunkulu, waYibiza ngo-Elohim, iNkosi uNkulunkulu, uMdali. *El, Elah, Elohim* kusho “oWenele Konke noKhona ngokwamandla aKhe.” Amen. WayengoKhona ngokwamandla aKhe, u-Elohim, ebonakaliswe emzimbeni wenyama, edla futhi ephuza njengomuntu, owayazi ukuthi wayengu-Abrahama.

<sup>131</sup> UNkulunkulu ofanayo wabonakaliswa, futhi wathi, “Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona. Ngakubona uphansi komkhiwane.” El, Elah, Elohim. Niyakubona na?

<sup>132</sup> Futhi ngezinsuku zokugcina, Wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Ungamesabi uNkulunkulu, Yiyonanto kuphela engakusiza.

“Ngabe Kuyosisiza thina maMethodisti na?”

Yebo.

“Kusisize thina maBaptisti na?”

Yebo.



“Kusisize thina Oneness na?”

Yebo.

“Twoness?”

Yebo.

“Threeness?”

Yebo.

“Fourness? Fiveness?”

<sup>133</sup> Angikhathali ukuthi uyini, Kungusizo lwenu nonke, ningaKwesabi. Umlayezo weBhayibheli kaNkulunkulu kuni nonke: “Othandayo, makeze futhi aphuze emithonjeni yaManzi okuPhila ngesihle.”

<sup>134</sup> “Ungesabi; yiMina,” kwasho uJesu. “Futhi *Ngiyakuba nani*,” *Ngi*, lesosabizwana futhi, isabizwana somuntu, “*Ngiyakuba nani*, ngibe kuni, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Amen. “UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.”

<sup>135</sup> Ngenkathi Wayenjalo, izolo osukwini lwaKhe WayeyiNsika yoMlilo. Wabonakaliswa enyameni, wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu.”

<sup>136</sup> Ezinsukwini ezimbalwa kamuva, emva kokuvuka kwaKhe, uSawulu, ephefumula izinsongo ezinkulu, wehlela eDamaseku, ukuKhanya, iNsika yoMlilo yamshaya yamhlala phansi, wathi, “Ungubani Wena na?”

Wathi, “NginguJesu.”

UPetru wayesetlongweni, iNsika yoMlilo ingena ngefasitela. UPetru wacabanga, “Ngingephupho manje.”

<sup>137</sup> Wathi, “Wozani, Ngilandeleni.” Amasango avuleka ngokwawo, wadlula ngqo ngakubalindi, akaqondanga ukuthi kwakunguNkulunkulu waze waba ngaphandle. Amen. NgiyaMthanda, aninjalo na?

<sup>138</sup> Asi, manje isikhathi sami seseqile ngemizuzu emihlanu, ake sicule nje leliculo elincane kuYe, nonke nina bantu, nonke. “Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala.”

<sup>139</sup> Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngeZwi laKho, iZwi laKho liqinisele. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi wabonakaliswa phambi kwethu enyameni.” ENcwadini yamaHeberu kwathi, “IZwi likaNkulunkulu,” uKristu, kusobala, “linamandla kakhulu futhi libukhali kunanoma iyiphi inkemba esika nhlangothi zombili, lihlabane kuze kwahlukaniswe ithambo nomnkantsha, futhi Lahlulela ngisho imicabango nezizindlo zengqondo.” O Nkulunkulu, yiba nomusa kithi! Siphe khona, Baba.

<sup>140</sup> Zazise kulobubusuku enyameni yomuntu ngokwenza izinto ezifanayo Owazenza emuva lapho, ukuze bazi, futhi lapho sima

eNkantolo yokwaHlulela akuyikubakho izaba. Baba, thatha umuthi waKho wokugcoba amehlo kaMoya kulobubusuku, futhi uvule amehlo abantu, ukuze babone ukuthi nguWe, ukuthi nguMoya waKho, Awufile, Uphila kuze kube phakade. Kwangathi abaningi babantu, ngisho nase. . .njengowesifazane wathinta ingubo yaKhe, kwangathi bangaphulukiswa ngomusa, ngokuba siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda  
 Ngoba Wangithanda kuqala  
 Wang'thengela. . . [Akuqoshwanga  
 eteyipini—Umhl.]  
 . . .muthi waseKalvari.

<sup>141</sup> Manje kamnandi ngempela. Niyamthanda, niMthanda ngempela na? Kukwenza uthande wonke umuntu, akunjalo na? Kulungile manje, sisacula futhi ngokuphansi nangokumnandi kuYe, makuthi wonke umuntu axhawulane nomunye nje, ngokuthula, ngakithi ngqo.

Ngi. . .  
 Ngoba Yena kuqala. . .  
 . . .ng'thengel'insindiso  
 . . .muthi waseKalvari.

<sup>142</sup> Manje asikhonze nje namakhanda ethu ekhotheme, ngokuthula. Yisho, lihamishe manje. Cabanga nje ukuthi Muhle kanjani kuwe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] O Nkulunkulu!

<sup>143</sup> Cabanga nje enhliziyweni yakho manje, beka isandla sakho ngale eKalvari, “O Wundlu elifayo, iGazi laKho eliligugu alisoze lalahlekelwa amandla alo.” [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Uthini? Ini? O, mhlawumbe, ya, mhlawumbe ngingakwenza.)

NiMthandelani na? Cabanga nje, kungani nimthanda na?

Ngoba Yena kuqala. . .  
 Wang'thengel'insindiso  
 Emthini waseKalvari.

<sup>144</sup> Baba, siyaKubonga manje ngalenglanganyelo emnandi. O, sikuthanda kanjani, Nkosi! Sigeze nje eMthonjeni, sizigeza thina ebuhleni bokulunga kwaKhe, nobungwele, namandla aKhe. Izono zethu zonke sezihambile, iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, liyasihlanza kulokho. Silungiselela ukungena esiHlalweni sobukhosi manje, Nkosi, ukucela umusa.

<sup>145</sup> Uneqembu labantwana abagulayo lapha, Baba, bafikile, kulobubusuku, ngoba bayakholelwa kuWe. Futhi ngizele ukuletha uMlayezo kubo. O Nkulunkulu, abanye balababantu phakathi lapha bazofa khona lapho uma Ungabasizi. Izinyanga zethu ezithandekayo zomhlaba lapha zibadelile abanye babo, akungabazeki. Abanye babo bakhubazekile, futhi

baphuphuthekile, nento ethize abezemithi abangazi ukuthi bazokwenzenjani ngakho. Baba, UnguMdali.

<sup>146</sup> U Davide, ngesinye isikhathi, njengoba sicaphunile, wayenakekela izimvu zikayise, Nkulunkulu, mangithathe indawo yakhe nje kulobubusuku, nginakekela izimvu zikaBaba. Ngolunye usuku ingonyama, isitha siyangena, sadumela enye yezimvu, futhi sagijima saphuma, iwundlu, futhi wayengenalutho kodwa i, indwayimane encane nje, kodwa walandela ingonyama, waKwethemba, wabulala ingonyama, wabuyisa iwundlu.

<sup>147</sup> Baba, kunabangingi babo lapha kulobubusuku abagulayo nabahluphekile ukuthi isayense yezokwelapha ikwanqingetshe abazi ukuthi bazokwenzenjani. Bafikile lapha kulobubusuku, bayizimvu zaKho, ngithatha lendwayimane encane yomkhuleko, futhi ngiyabalandela, Nkosi. Siphe amandla okukholwa ukubulala leyongonyama, lowodeveli, lowomdlavuzo, lowodeveli obakhubazile, kumbe noma ngabe kuyini, ukuze sizibuyisele esibayeni sezimvu zaKho, ngokuba uBaba wethu akafuni ukulahlekelwa yizimvu zaKhe.

<sup>148</sup> Thethelela ukungakholwa kwethu, Nkosi, futhi uvuthise imiphefumulo yethu ngoMoya waKho. Siyaqonda ukuthi ukuphulukiswa sekuvele kuthengelwe thina, ngokuba “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, nangemivimbo yaYo thina sa,” inkathi edlule, “phulukiswa.”

<sup>149</sup> Manje, siphe khona, Nkosi, ukuthi Uzoza kulobubusuku kulomhlangano, futhi uzokwenza into Owayenza njengoba nje Wenza ngenkathi Ulapa emhlabeni, ngoba Wethembisa ukuthi kuyokwenziwa ngalolusuku.

<sup>150</sup> Futhi lapho sesisuka emhlanganweni kulobubusuku, kwangathi singazizwa njengoKleyophase nabo bevela e-Emawuse, ngenkathi Wenza into ethize lapho njengoba nje Wenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, babazi ukuthi lowo kwakunguJesu ofanayo, Wayevukile futhi wayenza njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe. Ngenhliziyo elula bagijima futhi batshela wonke umuntu, “Impela iNkosi ivukile kwabafileyo!” Futhi bathi, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu ngenkathi Ekhuluma kithi na?”

<sup>151</sup> Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi angeke besabe, kulobubusuku, ngenkathi Ukhuluma nabo emoyeni wabo. Noma kwangathi bangaqonda ukuthi leloPhimbo elincane elihashazayo elahelwa ukunaka komprofethi, umoya onamandla ovunguzayo washaya phezu komgede, awumvusanga umprofethi kakhulu, ukuduma nombani, igazi namafutha, kanjalonjalo, konke kwathululelwa phansi, kodwa akuzange kumhehe umprofethi, kodwa ngenkathi leloPhimbo elincane elihashazayo likhuluma, khona-ke umprofethi wamboza ubuso bakhe ngeveli futhi uyaphuma, uNkulunkulu wakhuluma naye.

<sup>152</sup> Nkulunkulu, asimboze ubuso bethu ngeveli kulobubusuku, futhi siphume, sizwe kuWe. Kwangathi singesabe, kwangathi singazimboza ngeveli ngeZwi likaNkulunkulu, siphumele phezu kwesithembiso saKhe manje, leloPhimbo elincane elihashazayo lesithembiso ngeZwi, futhi siKubone wenza lezizinto esizicelayo kulobubusuku. Sikunikela konke kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ngifuna ukukhulekela lokhu manje nje.

<sup>153</sup> Nkosi Jesu, Wakwethembisa. Ngolunye usuku, kulotshwe ngumbhali, ukuthi abantwana bakwa-Israyeli babesendleleni yabo beya ezweni lesithembiso, noLwandle oluBomvu lwangena endleleni yabo, khona impela emgqeni womsebenzi, uLwandle oluBomvu lwalubavimbela ezweni lesithembiso, nombhali washo ukuthi uNkulunkulu wabuka phansi ngaleyoNsika yoMlilo ngamehlo athukuthele, noLwandle oluBomvu lwesaba, lwagingqikela emuva, nabantwana bakwa-Israyeli baqhubekela ezweni lesithembiso.

<sup>154</sup> Manje, Baba, isithembiso singukuthi Uyosiphulukisa, ukuthi Usiphulukisile, nokungabaza kusendleleni, izinkolelo-ze, zonke izinhlobo zezinkathazo, manje kwangathi uNkulunkulu angebuke kuphela ngeNsika yoMlilo kulobubusuku, kodwa ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo.

<sup>155</sup> Kwangathi lawomademoni abambe abantu ogulayo othumele lamaduku, lapho lamaduku ezimpawu ebekwa phezu kwabantu, kwangathi lowodeveli angabakhulula, futhi bawelele kulelozwe lesithembiso lempilo enhle.

<sup>156</sup> Sipe khona, Nkosi, kusemgqeni womsebenzi. Sithumela lamaduku, eGameni likaJesu, ngaleyonhloso, kwangathi angabuyiselwa esithembisweni uNkulunkulu abanika sona, nesithembiso: "Phezu kwakho konke, ngiyafisa, sengathi ungaphumelela empilweni," ukuze bakwazi ukukhonza uNkulunkulu. Amen.

Labo abangabanikazi bawo bangawathola emva kwenkonzo.

<sup>157</sup> Angazi ukuthi sizowumisa kanjani umugqa womkhuleko phezu lapha, umugqa, izindonga zigewe. Mangaki amakhadi omkhuleko nonke eniwakhiphile na? Amashumi amahlanu? Abengubani na? O-A, o-B, noma...? O-C? Ake sibone ukuthi singenzani. Ngabe ikhona indawo yomugqa phakathi kwenu nonke nodonga lapho, bazalwane na? Ngabe umugqa...? Beningeke nibe nankinga na? Lokho kulungile. Qhabo, ungakwenzi, ungasuki endleleni yakho, sizokwenza...sifuna ume khona lapha. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

<sup>158</sup> ...mehluko noma ngiyanikhulekela noma qha, lokho akuhlangene kakhulu nakho, akusizo izandla zami, yizandla zaKhe. Niyabo? Niyabo? Yingalesosizathu nginalezo izikhathi...Manje, khumbulani, uma bekukhona noma yini ezweni ebengingayenza ukunisisa, bengiyokwenza.

Kodwa akukho engingakwenza mayelana nokuniphulukisa, kuphela ukunitshela umlayezo ukuthi uKristu usevele uniphulukisile. Bangaki okholwayo ukuthi lelo yiqiniso na? Niyabo? Niyabo? Yena...Bangaki owaziyo ukuthi sonke isono ezweni sathethelelwa ngenkathi uJesu Kristu efa esiphambanweni na? Kulungile. Manje-ke wenzani lapho uzwa iZwi na? Uyakwemukela. Kunjalo. Bese kuthi-ke uma ukukholwa ukuthi u...usindisiwe.

<sup>159</sup> Manje-ke bangaki owaziyo ngenkathi uJesu efa esiphambanweni ukuthi ngemivimbo yaKhe saphulukiswa na? Waphulukisa wonke umuntu ogulayo. Impela. Manje-ke yini noma ubani abengayenza na? Uma usuvele ukhishiwe esitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso, uma umfo emi lapho nethikithi lokuhlengwa, into kuphela ofanele uyenze ngukukwemukela. Niyabo? Lokho nje ukukuthatha, ukhululekile, awudingi uku...[Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Uthini na? Ngibize kuze kube amashumi amabili-nanhlanu. Bangeniswe bonke, kulungile.)

<sup>160</sup> Manje, manje, kulomugqa womkhuleko, into kuphela engizoyenza ngukukhulekela abagulayo. Niyabo? Manje, bangaki owaziyo ukuthi ubelapha emihlanganweni ezayo, owaziyo ukuthi uMoya oNgcwele owethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi uMlayezo uyoba njengoba wawunjalo ngezinsuku zaseSodoma, noJesu Kristu *nguyena* izolo, namuhla, naphakade, futhi wenza isithembiso ukuthi Uyokwenza lezizinto e...bangaki abafundi beBhayibheli abakwaziyo lokhu, Wakwethembisa na? Kulungile.

<sup>161</sup> Uyakholwa ukuthi sisekupheleni konyaka wabeZizwe, njengoba kwakunjalo ekupheleni konyaka wamaJuda, nonyaka wamaSamariya na? Manje, uJesu Wazenza waziwa njengoMesiya kubo ngesibonakaliso sobuMesiya. Ngabe kunjalo na? Ukhona okwaziyo lokho na? Bangaki owaziyo ukuthi Wayenesibonakaliso sikaMesiya na? Impela, impela Wakwenza. Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa.”

<sup>162</sup> Owesifazane emthonjeni wathi, “Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lokhu.” Niyabo? Futhi ngakho, ukwazi izimfihlo zenhliziyayo yabo, ukwenza nje into efanayo Ayehlala njalo eyenza.

<sup>163</sup> Futhi manje-ke bangaki owaziyo ukuthi Akakwenzanga lokho phambi kwabeZizwe na? Impela. Bangaki owaziyo ukuthi Wethembisa ukuthi Uyokwenza esikhathini sokuphela na? Impela, Ubeyokwenza, impela. Kulungile. Kungani na? Nxa uNkulunkulu ebizwa enkundleni...Manje, lalelani nina bafundi beBhayibheli, lalelani lokhu, beka ukukholwa kwakho eZwini likaNkulunkulu, ngokuba lapho uNkulunkulu eke abizwe enkundleni ukuba enze isinqumo, Angeke enze noma

yisiphi esinye isinqumo, ngaphandle kwalokho Azofanele ahlale nesinqumo saKhe sokuqala. Bangaki okwaziyo lokho na? Isizathu Akanasiphelo, sonke isinqumo sipehelele, Akadingi ukwenza isinqumo ezimbili. Uma Enza esinye isinqumo, khonake isinqumo saKhe sokuqala sasiyiphutha, uma Esiguqula. Ngakho-ke lapho uNkulunkulu enza noma yini eBhayibhelini Uzofanele ayenze futhi, kungenjalo Wenza iphutha ngenkathi Ekwenza okokuqala.

<sup>164</sup> Ngakho uma Azazisa Yena uqobo njengoMesiya ngesibonakaliso sikaMesiya, umprofethi uMesiya, khona-ke kumaJuda, kumaSamariya, futhi wakwethembisa kwabeZizwe, Uzofanele enze into efanayo.

<sup>165</sup> Manje, bangaki abakubonile kwenzeka na? Ake sibone izandla zenu ukuze ngazi. Kulungile. O, ngiqagele wonke umuntu. Bangaki abangakaze bakubone kwenzeka na? Ake sibone izandla zenu. Awukaze ukubone, sukuma, awukaze umbone uNkulunkulu enza into enjengaleyo, emi emsamo na? Noma awukaze ube komunye walemihlangano ngaphambilini, awukaze ubone isibonakaliso sesibonakaliso sikaMesiya na? Ake sibone izandla zenu ziphakama, awukaze usibone. Bambalwa nje, ya, abanye abasanda kufika ngemuva. Kulungile.

<sup>166</sup> [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Uthini? Uthini na? Yebo, kancanyana nje.) Kulungile, bacabanga ukuthi bangabashayisa umugqa abanye. Amashumi amabili nesithupha. Ikhadi lomkhuleko u-C, lamashumi amabili nesithupha. Amashumi amabili-nesikhombisa, amashumi amabili-nesishiyagalombili, amashumi amabili-nesishiyagalolunye, amashumi amathathu, amashumi amathathu, amashumi amathathu-nanye.

<sup>167</sup> (Awusho, ngabe bakhona abantu abakhuluma iSpanishi lapha kulobubusuku na? Lababantu bakhuluma iSpanishi na?) Angazi ukuthi kungahle kube yini lokho...Kunamane, amahlanu, amakhadi ayisithupha angekho ukuthi kungahle kube ngokhuluma iSpanishi.

<sup>168</sup> Kulungile, amashumi amathathu, amashumi amathathu-nanye, amashumi amathathu-nanye. Kulungile, amashumi amathathu-nambili. Kulungile. Amashumi amathathu-nantathu. Woza ngapha ngqo. Amashumi amathathu-nantathu, amashumi amathathu-nane, amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesikhombisa, amashumi amathathu-nesishiyagalombili. Siyeza lapho. Amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye. Khona ngapha, woza ngapha. Amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, amashumi amane, amashumi amane-nanye, -nambili, -nantathu, -nane. Amashumi amane-nanye, -nambili, -nantathu, -nane. Kulungile, emuva ngemuva, ya. Amashumi

amane-nane, amashumi amane-nanhlanu, amashumi amane-nesithupha, amashumi amane-nesikhombisa, amashumi amane-nesishiyagalombili. Angilibonanga elamashumi amane-nesishiyagalombili. Amashumi amane-nesishiyagalombili, amashumi amane-nesishiyagalolunye, amashumi amane-nesishiyagalolunye. Amashumi amane-nesishiyagalolunye, angilibonanga. Ikhadi lomkhuleko u-C, elamashumi amane-nesishiyagalolunye. Kulungile. U-C, amashumi amahlanu. Ubani onekhadi lomkhuleko u-C, lamashumi amahlanu na? Kulungile. Manje sibashayisa umugqa. Manje, manje, lokho konke okwamakhadi omkhuleko.

<sup>169</sup> Manje... [Umfowethu uthi, “Lona wesifazane lapha udinga usizo, Mfowethu Branham.”—Umhl.] Kulungile, lapho isikhathi sifika, lapho sekufika isikhathi bazolisiza inenekazi. Ngiyakutshela, lapho sekufika isikhathi sokuba ngilikhulekele, ngizovele nje ngehlele lapho futhi ngilikhulekele, wena ohlezi khona lapho e-altare. Ithini inombolo yalo na? Amashumi amane-nesishiyagalombili. Kulungile, ngikhumbuze manje, Mfowethu Jack, isikhathi lapho amashumi amane-nesishiyagalombili efika ngiyehla, ngikhulekele inenekazi. Kulungile.

<sup>170</sup> Manje, manje, nonke nina nonke phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, okungukuthi onke amakhadi omkhuleko asemgqeni, manje, manje, ofuna uJesu akuphulukise, phakamisani izandla zenu, awunalo amakhadi omkhuleko. Kulungile.

<sup>171</sup> Manje, ngifuna ukunicaphunela umBhalo. Kwakukhona owesifazane, wiyahamba, sizothi nje, ngesinye isikhathi, owesifazane owayengenalo ikhadi lomkhuleko eBhayibhelini, futhi wathi, “Ngiyamkholwa lowoMuntu, futhi uma kuphela ngingathinta umphetho wengubo yaKhe ngizosinda.” Niyayazi indaba na? Kulungile. Kwenzekani na? Wacindezela esixukwini, kuze kuba usewuthintile umphetho wengubo yaKhe.

<sup>172</sup> Manje, ngabe ukhona owake wabona ingubo ende yasePalastina na? Ixega kakhulu, inengubo yangaphansi, ivimbela uthuli ezithweni. Futhi ingubo yasePalastina... uma ethinte umphetho webhantshi lami, bengineke ngikuzwe, uma ethinte imilenze yebhulukwe lami *kanjalo*, noma umphetho ogoqiwe webhulukwe lami bengineke, kuthiwani ngengubo enkulu ilenga *kanjalo* na?

Ngakho, uJesu waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile na?”

NoPetru waMkhuza, wathi, “Nkosi, bonke bayaKuthinta. Usholoni entweni enjengaleyo na?”

Wathi, “Kodwa Ngiyabona ukuthi ngibe buthakathaka.”

<sup>173</sup> Amandla aphumile. Ngabe kunjalo na? Futhi Wenzani na? Wabuka phandle phezu kwezethameli waze Wathola

owesifazane omncane, futhi wantshela umopho wakhe wawungasekho, ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Bangaki okwaziyo lokho na?

<sup>174</sup> Manje, ungethande ukuMthinta na? Awu, kungenzeka yini ukuthi ungaMthinta na? Ngabe UngumPristi oMkhulu manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Awu khonake, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubeyokwenza kanjani manje na? Njengoba Enza ngaleyonkathi. Ngabe kunjalo na? Manje, Mthinte futhi ubone uma Eziphatha ngaleyondlela, yileyondlela yokukwenza. O, akumangalisi lokho, lapho uletha iZwi likaNkulunkulu kwelamanqamu na?

<sup>175</sup> Manje, uma Eme lapha egqoke lesudu, futhi wenyukela kuYe uthi, “O Nkosi, Nkosi, O Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzongiphulukisa.”

Niyazi ukuthi Ubeyothini na? “Mntanami, seNgivele ngikwenzile. AwuNgikhholwa na?”

Ungathi, “Nkosi, ake ngibone uma Unezibazi esandleni saKho.”

Noma ubani ubengaba nezibazi esandleni sabo.

“Ake ngibone uma Unezibazi ohlangothini lwaKho.”

<sup>176</sup> Ngazithola lapho ihhashi langiphonsa khona. Ngani, ngi...Impela. Manje, ngi—nginesinye *ngapha* lapho engadutshulwa khona ngesibhamu, isibhamu saqhuma ngenkathi ngisengumfanyana, isibhamu somunye umfo sangidubula ngasohlangothini. Kodwa lokho—lokho akusho ukuthi wena uyoba uMesiya, qhabo. Kodwa ukuPhila kukaMesiya bekuyoba nguMoya kaMesiya eBandleni laKhe. Manje, akunandaba ukuthi Ubengakubeka kangakanani kimi, Uzofanele akubeke kuwe futhi, ngoba asikwazi ukusebenza ngokwehlukana, sifanele sisebenze ndawonye.

<sup>177</sup> UJesu wangena endaweni ezisho ukuthi WayenguMesiya, nemisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza, ngenxa yani na? Ukungakholwa. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uma ungaMkholwa, ayikho indlela yokuba Asebenze; uma uzoMkholwa, Uzofika enyameni yakho ngqo, uMesiya uzoza. Amen. UnguNkulunkulu ofanayo osenyameni. Uyakukholwa na?

<sup>178</sup> Manje, kulomugqa womkhuleko, nina nonke enikulomugqa womkhuleko, bangaki oke waba semigqeni yomkhuleko, obelapha kweminye imihlangano futhi ubone uNkulunkulu ukuthi Uzembula kanjani izimfihlo, nezinto na? Phakamisani izandla zenu, nina enisemigqeni womkhuleko. Kulungile. Manje, uma ngingasho nelilodwa izwi kini, khulekani nje, niyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza na? Niyakukholwa na? Nizokukholwa, ngaphandle kokubona na? Ngi—ngi—ngiyazi ukuthi uzwani, ngiyakuzwa nje. Niyabo? Ngingakusho.



179 Kulungile, nina phandle lapho ngaphandle...Asibe nomugqa wokuhlukanisa phandle *lapha*, ngaphandle kwamakhadi omkhuleko. Labo abangenawo amakhadi omkhuleko banokubona okufihlakele, futhi makuthi lokhu, *laba* bedlule ukuze nizobona ukuthi iNgelosi yeNkosi ilapha.

180 Manje, uma leyoNsika yoMlilo eyayinaye, yayisesihlahleni esivuthayo ngesikhathi sikaMose...INsika yoMlilo yayisesihlahleni esivuthayo ngesikhathi sikaMose ngenkathi Yenziwa inyama, bangaki okholwayo ukuthi lowo kwakunguKristu na? Wathi, “Ngaphambi kukaMose... engakabikho u-Abrahama NGIKHONA.” Niyabo? Kulungile. Manje, leyoNsika yoMlilo eyayisehlane, ngenkathi Yenziwa inyama, siyazi Yakwenza lokho, Ayikwenzanga na? Futhi manje, ngabe UngumPristi oMkhulu kulobubusuku onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Kulungile. Yiba nokukholwa nje futhi umkholwe uNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uzo—uzokupha lokho.

181 Manje, nonke nje kothamisani ikhanda lenu ngokuthula, futhi niqale ukukhuleka, ngamunye wenu. Ningaphatheki kabi, nihayize, kodwa kholwani nje ukuthi uJesu Kristu ulapha. Uma unesidingo saKhe, kholwa nje.

182 O, kumangalisa kanjani! UJesu onozwelo! Manje, ngikhulumile ngaYe, ngakhuluma iZwi laKhe, ngabe manje Uzoligcwalisa iZwi laKhe na? Kulungile, yilokho kuphela. (Unomugqa wakho womkhuleko, awunjalo, Billy na? Umzuzu nje, umzuzu nje.) Ngifuna ukubona okufihlakele kube phandle *lapho*. Uma uNkulunkulu ezokupha kanye nje futhi!

183 Kulungile, phakamisani amakhanda enu. Ngibukeni, manje, njengoPetru noJohane nje bedlula esangweni elithiwa Lihle, ngikhulweni, njengenceku yaKhe. Bamba ukuhlupheka kwakho engqondweni yakho, bese uthi, “Nkulunkulu, ngihlushwa *ukuthi-nokuthi*, ngihawukele.” Nonke, ningacabangi ukuthi senedlule ekuphulukisweni, anikedluli. Kulula nje kuYe ukukuphulukisa, njengoba kunjalo noma ubani omunye, yiba nokukholwa nje.

184 Ngifisa sengathi benginganiphulukisa nonke, bengingakwenza. Angikwazi ukwenza okungaphezu kwalokho engikubona kwenzeka. Ngibhekisisa ukuKhanya, beKulapha nje emzuzwini odlule, Kuhambile futhi kwahamba *ngalendlela*, futhi angikuboni manje, Kuqhelile emsamo ngalesisikhathi.

185 Ya, inenekazi elincane lapho liphakamise isandla salo emlonyeni walo, liphethwe yileyonkathazo yenyongo, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uJesu Kristu uyakusindisa. Ube nokukholwa okuningi kunalokho obucabanga ukuthi ubunakho.

“Uma ukholwa, konke kuyenzeka.”

186 UMfowethu ohlezi khona lapho, ungesabi, uzoba kahle. Futhi uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, leyondoda

oyikhulekelayo, ukuthi lelohhashi lawela phezu kwayo, izovuka, uma uzokukholwa. Uyakukholwa na? Uyakukholwa na? Kulungile, yiba nokukholwa, akukho okungenzeke.

<sup>187</sup> Ngifuna ukunibuza okuthize: Uthinteni na? Uqhele ngamafidi angamashumi amane kimi. Wenzeni na? Uthinte umPristi oMkhulu. Ukukholwa kwakhe kwahlehla, futhi ngakubamba. Amen. “Uma ukholwa!”

Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kuleyomithambo eyiqhansile na?

Bekungamangalisi lokho na?

<sup>188</sup> Udade omncane, ohlezi laphaya ekugcineni kohlu, ufuna uNkulunkulu akunike ingane, awufuni na? Inekazi elincane eligqoke ingubo ebukeka iluhlaza satshani. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, futhi uzosingatha indodana yakho oyicelile.

<sup>189</sup> Babuze labobantu. Angimazi lowo wesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami, uyisihambi kimi. Uma... Ngabe siyizihambi, nenekazi, noma ngabe ubani obeyelapho obebiziwe na? Uma kungukuthi siyizihambi omunye komunye phakamisa isandla sakho, ya, phakamisa isandla sakho ukuze abantu babone. Bathinteni na? UmPristi oMkhulu. Manje niyakholwa na? Manje thinta. Yenza uhlobo olufanayo lokuthinta, ngikuphosela inselelo, eGameni likaKristu, ukuba ukwenze.

Manje sizokhulekela abagulayo.

<sup>190</sup> Lokho kuyakushaya na? Uyakholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, ngayo yonke inhliziyu yakho na? Angikwazi. Uyisihambi kimi, ukuze nje abantu babone noma ngabe abantu akanawo yini amakhadi omkhuleko, noma amakhadi omkhuleko akunandaba. Manje, uyazi kukhona uhlobo oluthile logcobo lapha. Ngabe kunjalo na? Uyazi ukuthi ku—ku... Into ethize ithatha okungaphezulu kune—kune—i—indoda ukwenza into ethile enjengaleyo. Kuthatha uNkulunkulu, akunjalo na? Yebo, ngempela kuyakwenza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi umelani lapha na? Obekunga... Niyazi Ubengakwenza, lokho kuhle. Kulungile. Uma uzokukholwa... Ngiyabona usibekelwe yithunzi, ya, into esabekayo, futhi usibekelwe yithunzi.

<sup>191</sup> Futhi yingalesosizathu ngiqalazile, ugcobo luphezu kwami. Bengingeke ngithathe ngamunye walabobantu behle ngalowomugqa, bengiyiqathaka lapha kulomsamo, ngibuthakathaka kakhulu manje. Niyabona ukuthi amachafacha omjuluko, ami kanjani na? Niyabo? Bengingeke ngikwenze, ngoba uma Ezwe ubuthakathaka kumuntu oyedwa eMthinta, kuthiwani manje lapho Ezofanele asebenze emuva ngesoni esisindiswe ngomusa na? Niyabo? Futhi lowo bekunguNkulunkulu ogcotshiwe. Niyabo?

192 OwaKhe nje ongcwele, umzimba ozalwa yintombi uNkulunkulu ayesebenza ngawo, waMenza buthakathaka, kuthiwani ngami isoni esisindiswe ngomusa na? Ngoba Wathi, “Eminingi kunale niyakuyenza. Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, neziningi kunalokhu.” Lithi *okukhulu* kwiKing James kodwa . . .

Wena uthi, “Ukhulumelani kimi, Mfowethu Branham na?”

193 Ngizama ukuxhumana nomoya wakho, njengoba nje Akhuluma kowesifazane emthonjeni. Kunjalo. Ngingakutshela manje, uphethwe ngukwethuka okwedlulele, unenkathazo yenhliziyo, futhi. Kunjalo, akunjalo na? Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho, ukuze abantu bakubone.

Manje, uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Awu, uNkulunkulu ofanayo uyazi ukuthi lento efanayo yinkinga ngawe. Niyabo? Lokho kuyakwenza nje.

194 Ngilokhu ngizwa lokho njalo ebusuku, njalo kanye ngankathi, omunye uthi, “Uyakuqagela lokho.”

195 Angikuqageli lokho. Bengingakuqagela kanjani lokho na? Manje, ungazicabangi lezozinto, ngoba ngiyakubamba khona lapha. Niyabo? Lokho kuvimbela wonke umhlango. Lapha, ake sibone uma besikuqagela.

196 Ungumuntu okahle. Manje, bengingeke ngikuqagele lokho, angikwazi, angikaze ngikubone, siyizihambi ngokuphelele. Ngabe kunjalo na? Kunjalo. Kulungile, mnumzane, lelo yiqiniso. Manje, angazi ukuthi ngikutsheleni, indlela kuphela engiyaziyo ngukuthola leyoteyipu.

197 Mangixhumane nomoya wakho futhi. Uyabo, ungowesifazane, mina ngingowesilisa. Leyo yindlela efanayo okwakuyiyo esangweni . . . emthonjeni eSamariya. Kodwa thina, singamaKristu, niyabo, noMoya kaNkulunkulu phakathi kwethu, singabafowethu nodadewethu, khona-ke kukhona uNkulunkulu waseZulwini lapha ezama ukusebenza ngami, njengale—lento nje, a—ayazi ukuthi ithini, angeke isho lutho, kunjalo nami bengingeke nganitshela. Ngifanele ngikhulume ngalokhu ukwenza iphimbo ledlule kukho, awu, Uzofanele akhulume ngami ukuba angitshela ukuthi yini engalungile.

198 Niyakubona, zethameli na? Niyabo? Niyabo? Manje, ngiyazinikela nje, nginesiphiwo esivela kuNkulunkulu ukuba ngizinikele mina uqobo, angazi ukuthi Uzothini. Uma Engakutshela obekuyikho, impela ubungakholwa, uma Ebeyokutshela ukuthi kuzoba yini.

Manje, omunye uthi, “Awu, ake sibone ukuthi Uzokutshela yini obekuyikho.”

199 Nkulunkulu yiba nomusa ukuze abantu babone futhi baqonde, umkhuleko wami.

<sup>200</sup> Ngifuna nje... Angihlosile, ukumba impilo yakho, kodwa nje ngifuna ukubona ukuthi uNkulunkulu uzokusho yini, ukuze abantu babone ukuthi into ethize e... Ngeke ngisaMcela, uma Yena, kulomhlangano kulobubusuku, uma Engakuvumela nje kwenzeke.

<sup>201</sup> Yebo, ngiyakubona manje, ngiyambona eqhaqhazela, eya efasiteleni, uthola ukwethuka ngempela, sekuhlwile kakhulu ikakhulukazi, emva nje komsebenzi ngqo, futhi unenkathazo yenhliziyo. Lokho imp-... O, he! Kukhona enye into, yebo, nansi into ethize ebikhona: Kungukuhlinzwa kolunye uhlobo, umdlavaza ebeleni, futhi uyesaba ukuthi ingxenye yawo iselapho. Kunjalo. Yebo, ohlangothini lwakho. Niyabo, bengikhomba ngakwesokunxele sami, ngakho angidingekanga uku... Yebo.

<sup>202</sup> Futhi ube nenye futhi inkathazo, usanda kulahlekelwa ngumyeni wakho. Kunjalo. Ngabe yilokho obekuyikho na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani, ofanayo owaziyo ukuthi uSimoni Petru wayengubani, kanjalonjalo na? Nkk. Babb. Manje hamba ukholwa, kuzophela konke. Amen.

<sup>203</sup> Manje, uma nje ngibeka izandla, kukhona *Okuthize* okugcobayo lapha, akukho lapho na? Uma ngibeka izandla phezu kwakho, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo, uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda."

Baba wethu waseZulwini, ngibeka izandla phezu kukadadewethu futhi ngiyacela, ngenkathi lolugcobo luselapha, ngokuphulukiswa kwakhe. Amen.

Hamba, ukholwe manje ngayo yonke inhliziyo yakho.

Uma ngibeka izandla phezu kwakho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa futhi akusindise na? Ibandla lonke liyakukhulekela.

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa.

Yiba nokukholwa nje, futhi uhambe ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

<sup>204</sup> Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile kuwe, kodwa angidingi ukukusho, ngiyadinga na? Inqobo nje uma ngikutshela inhliziyo yakho... O, qhubeka, yiba... Sengikushilo...?... lolugcobo luphezu kwami.

<sup>205</sup> Manje, uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile kuwe. Ngabe kunjalo na? Uma ngikutshela, kungakusiza na? Yikuphi okungaba ngokukhulu kunakho konke kimi ukuba ngibeke izandla phezu kwakho, noma ngikutshela ukuthi yini engalungile kuwe na? Ngikutshela ukuthi yini engalungile ngawe. Kulungile. Ukhathazwa wukwethuka, manje suka emsamo, futhi uphiliswe.

(Angazi noma nginyakaze ngiphume kukho noma qha. Nizodingeka nimise umugqa womkhuleko, niyabo, uma ngingakwenzi. NaKho futhi.)

Uyakholwa ukuthi inkathazo yakho yeqolo izoba kahle na? Hamba ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

<sup>206</sup> Manje, uyazi uNkulunkulu ubengangitshela ukuthi yini ebingalungile kuwe, futhi uma Ebengakwenza, bekungakusiza na? Kulungile. Susa lesosifuba somoya esidala, qhubeka, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho...?...

(Angikwazi ukuphuma kukho, ngandlela thize...?... Ngikhulekeleni nje.)

Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Inhliziyi yakho izoba kahle, futhi uzosinda. Kulungile. Hamba ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho...?...

<sup>207</sup> (Qhabo, lokho kulungile.) Manje, khuleka nje futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyi yakho. Manje, Uyazi ukuthi yini engalungile kubantu. Manje, uyakholwa na? Manje, yiba nokukholwa nje, ungangabazi. Manje, uma ngamunye wenu nizokholwa, futhi nje nemukele ukuphulukiswa kwenu, ngenhlonipho yokuzithoba, lapho okhona, yemukela nje ukuphulukiswa kwakho! Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela. (Kuyaphinda futhi.)

<sup>208</sup> Angikwazi, angazi lutho ngawe. Ngiqagele asikaze sibonane ezimpilweni zethu, lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho. Enye indawo nje njengeNkosi yethu yahlangana nowesifazane emthonjeni ngesinye isikhathi, yakhuluma naye. Yathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi khona-ke Yamtshela inkathazo yakhe. Futhi wathi WayenguMesiya. Uma Engakutshela into efanayo ngami, ubungakholwa ukuthi UsenguMesiya na? Uyakukholwa ngenhliziyi yakho yonke na?

<sup>209</sup> Bengifuna nje ukunibuza lokho ngesizathu. Ube nengozi emlenzeni wakho, waba, ikhumula inkomishi yedolo. Kunjalo. Bese kuthi-ke ngaphandle kwalokho, unesibhono esikuhluphayo, futhi unokwethuka ngokwedlulele. Futhi into enkulu kunazo zonke oyidingayo ngukuba unikele impilo yakho kuKristu, futhi usuke ekubeni yisoni, ube ngumKristu. UzoMemukela njengoMsindisi wakho manje na? UyaMemukela njengoMsindisi wakho na? Ngimemezela ukuthi uphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu. Hamba ungabe usona.

<sup>210</sup> Masithi, "Makabongwe uNkulunkulu," wonke umuntu. AsiMkhonze nje isikhashana.

Baba, Nkulunkulu, eGameni likaJesu, phulukisa udadewethu.

Nkulunkulu uBaba, njengoba edlula kwangathi angaphulukiswa, eGameni likaJesu.

<sup>211</sup> Uma kuqhubeka uzoba nenduku yokuqhubela emva kwesikhashana, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokususa kuwe na? [Udade uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] Isifo samathambo sizokushiya, futhi sihambe.

EGameni leNkosi uJesu, kwangathi angaphulukiswa.

Yebo, mem, uNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Ngiyabonga, Dadewethu.

Baba wethu waseZulwini, ngibeka izandla phezu kwalo wesifazane othandekayo, eGameni likaJesu Kristu, mphulukise, Baba. Amen.

<sup>212</sup> Baba waseZulwini, njengoba ngikhothamisa inhliziyi yami kuWe, ngikhulekela umfowethu, lapho edlula kwangathi angangena ngaphansi kwamathunzi esiphambano futhi aphulukiswe, eGameni likaJesu.

<sup>213</sup> Manje, ukuba bengingakutshela ukuthi yini ebingalungile kuwe, bekungakusiza na? Ngoba uzama ukuphuphutheka, kodwa lokho akusikho okwenza lokhu, isifo sikashukela yisona esikwenzayo. Futhi uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, kuzosuka kuwe. Uzokholwa na? Khona-ke eGameni likaJesu Kristu hamba, futhi usinde. Amen. Yilokho-ke...?...

Baba Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Yiba nokukholwa.

Baba waseZulwini, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu, ukuthi Uzophulukisa...?...

<sup>214</sup> Manje, ninga—ningacabangi ukuthi yingoba angibatsheli ukuthi lokho...Kuthi ukuba l'khuni kimi ukudeda kukho. Niyabo? Kodwa ngi—ngiyazi ukuthi ku—kulungile, uNkulunkulu ukwenza ngokufanayo nje. Niyabo? A-hha. Akunandaba, niyabo. Angikwazi...Uma wenza wonke umugqa, ngisanda kutshela uMfowethu Jack ukuba abhekisise, uma kulokhu kuqhubeka, bengizodingeka ngiwushiye umugqa, ngoba nje uyaphothana kimi manje. Bangaki okuqondayo lokho, ngokomBhalo na? Ngani, impela. Niyabona ukuthi ngeke neze... .

<sup>215</sup> Kulungile, uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Noma, inceku yaKhe, ngiqonde ukusho. Lokho kukhuba abanye abantu. Angisuye umprofethi, ngiyinceku yaKhe nje. Niyabo? Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na? Uyakholwa ukuthi uzophila na? Hhe? Unokwethuka ngempela, akanjalo na? Unenkathazo yenhliziyi, umfutho wegazi ophakeme, futhi uyaphuza. Hamba, ukholwe, lowo ngumyeni wakho engikhuluma ngaye, alulame.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, eGameni likaJesu.

Hhe! Hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa, uphulukisiwe uhlezi lapho esihlalweni, inkathazo yakho yesisu isikushiyele.

O Nkulunkulu, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, Uzomphulukisa lomuntu, eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa.

Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, eGameni likaJesu. Amen.

Nkulunkulu, beka izandla phezu komncinyane, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa.

Ungesabi manje, kuzolunga . . . ? . . .

Baba, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa isifo samathambo, futhi umsindise, nokwethuka, nezinto, ngikhulekela ukuthi uzophila, eGameni likaJesu.

Baba, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angahamba, futhi aphiliswe. Amen.

Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa umfowethu futhi umsindise, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, ndodana.

Baba wethu waseZulwini, ngibeka izandla phezu kukadadewethu. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angahamba futhi aphulukiswe. Amen.

Yibani nokukholwa manje, ningangabazi.

Baba wethu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ukwedlula, njengokuthi, ungezi njengami, kodwa phansi kwesiphambano, niyabo.

EGameni leNkosi uJesu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

O, ungangabazi.

EGameni likaJesu, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosipha lesisibusiso . . . ? . . .

UNkulunkulu akubusise.

Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Uyakukholwa lokho na? Yiba nesibindi. Niyabo? Manje, uyazi ngiyazi ukuthi yini ebingalungile, kodwa hamba ukukholwe, noma kanjani. Niyabo?

<sup>216</sup> Ufuna ngisho okuthile. Uma ngizokutshela okusenhliziyweni yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uzokwenza na? Into eyodwa engalungile ngawe,

uhlushwa ukwethuka. Kunjalo. Unesisu esinokwethuka esikubangela inkathazo. Yilokho ofuna ngikukhulekele. Akunjalo na? Ubnakho konke ukuphila kwakho. Ngiyakutshela, unomthwalo enhliziyweni yakho. UNkulunkulu angangitshela ukuthi uyini umthwalo wakho na? Insindiso kababa wakho nomama, lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI.

Ngiyakwazi, Dadewethu othandekayo.

<sup>217</sup> O Nkosi Nkulunkulu, ngenkathi ugcobo lukaMoya oNgcwele, lona wesifazane ubenomusa kakhulu kimi, ngikhulekela ukuthi Uzomnika isifiso sakhe kulobubusuku. Muphe zonke lezizinto azicelile, Baba, futhi ikakhulukazi okomndeni. Ngiyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

Uyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Kulungile.

Baba wethu OseZulwini, Malingcweliswe iGama laKho, siphe ukuphulukiswa komfowethu—wethu oligugu, eGameni likaKristu.

Woza, ukholwa, ungangabazi.

UNKulunkulu akubusise, mfowethu, yiba nokukholwa manje.

EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kwakhe, ngenkathi ugcobo lukaMoya oNgcwele lusekhona, eGameni likaJesu kwangathi angaphulukiswa.

Baba wethu, njengoba sizwa ukungqangqazela kwalona wesifazane okahle, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzomphulukisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Woza, ukholwa manje, ungangabazi.

<sup>218</sup> Dadewethu, buka nje imikhuleko ekhuphukela wena, buka lesisigejane esihle sabefundisi lapha, leli yiBandla likaNkulunkulu ophilayo, uyabo.

<sup>219</sup> Baba wethu, sikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, njengoba ngokukholwa sibeka izandla zethu phezu kwakhe ekuqiniseni amaZwi kaJesu uQobo, Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Kwangathi angaphulukiswa, eGameni likaJesu. Amen.

“Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakumvusa.”

<sup>220</sup> Baba waseZulwini, ngomkhuleko oqotho osebenzayo wabalungileyo, futhi asilungile, kodwa semukela ukulunga kweNkosi yethu, ngiyamkhulekela lomkhuleko, futhi ngiwethula kuWe esikhundleni sakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNKulunkulu akubusise, Dadewethu. Hamba ukholwa manje.



Isifo esiyingozi kakhulu esikhona, inkathazo yenhliziyi, kodwa uNkulunkulu unguMphulukisi wenkathazo yenhliziyi. Akunjalo na? Uyakholwa...?...

Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa umfowethu futhi umphulukise. Siphe khona, Nkosi, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, Mfowethu.

Baba wethu OseZulwini, Malingcweliswe iGama laKho, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzopha ukuphulukiswa komfowethu. Amen.

<sup>221</sup> Baba Nkulunkulu, njengoba ngibeka izandla phezu kowesifazane omncane, ngikhulekela ukuthi, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzomphulukisa futhi umenze aphile saka wonke. Amen.

Ungangabazi, woza nje ukholwa.

<sup>222</sup> Nkosi Jesu, ngomusa nangesihawu, Nkosi, yeba uletha omncane, futhi ngibeka izandla zami phezu kwabo futhi ngimemezela izibusiso zikaNkulunkulu, kwangathi kungaphulukiswa, eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Dadewethu.

<sup>223</sup> Baba wethu waseZulwini, njengoba lona othobekile, owesifazane omncane enyukela lapha ethwele iZwi likaNkulunkulu phezu kwenhliziyi yakhe, ngiyakhuleka, Nkosi, Lizongena lijule phakathi lapho, futhi uzoba nokukholwa ukuba akholwe, eGameni likaKristu. Amen.

Baba wethu waseZulwini, sicela umusa kaNkulunkulu phezu kwalona, udadewethu. Kwangathi amandla kaNkulunkulu angamphulukisa futhi amsindise, eGameni likaJesu Kristu.

<sup>224</sup> (Yini leyo na? Kulungile, mnumzane.) Ngizocela lababantu abahlezi lapha o...nakuba bengenawo amakhadi omkhuleko, kodwa bakulezi zihlalo ezinamasondo, ningakhothamisa amakhanda enu nonke futhi nikhuleke kanye nami umzuzwana nje, wonke umuntu, ngisahamba futhi ngibeke izandla phezu kwabo. [UMfowethu Branham ukhulekela labo abasezihlalweni ezinamasondo imizuzu emithathu nengxenye, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.]...?...

<sup>225</sup> Manje, nina enine...obelapha ngaphandle kwamakhadi, futhi, ngikhulekele lababantu abasesihlalweni esinamasondo, futhi bebengenawo amakhadi nabo, kodwa banesikhathi esinzima impela ukufika emhlanganweni. Ngi...Ngabe ngikhulekele lomfo omncane lapha na? UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. Busiswa inhliziyi yakho. [UMfowethu Branham ukhulekela umfana, amaningi amazwi akhe awaqondakali—Umhl.] Baba wethu waseZulwini...?...

226 Sasivame ukucula iculo elincane:

Khulekani, khulekani, indlela kuphela  
 Ukufinyelela emihlabathini ephakeme;  
 Khuleka, khuleka, umkhuleko wokukholwa  
 Uzokwehlisa izibusiso zikaNkulunkulu.

Ngabe kunjalo na? Ngabe nonke niyakholelwa kuNkulunkulu na?

227 Ngiyaxolisa, ngicabanga ukuthi umugqa womkhuleko usuphelile. Lona nje? Kulungile. Ngabe leli—ngabe leli elinye inenekazi na? Kulungile. Manje, u . . . Bangaki okholwayo na?

Lelinenekazi, angikwazi, angikaze ngikubone ngokwazi kwami. Siyizihambi omunye komunye.

228 Manje, wonke umuntu phandle lapha endlini, lona wesifazane akabe yisibonelo kini. Nakhu lapha esikhona, hamba nje ngapha, Dadewethu. Angimazi lona wesifazane, angikaze ngimbone. Siyizihambi uqobo komunye nomunye, ngokwazi kwami. Kodwa uma uMoya oNgcwele uzongitshela into ethize engalungile ngaye, noma ukuthi uzele ini lapha, kungahle kube ukuthi uyagula, mhlawumbe ulapha enzela omunye umuntu, mhlawumbe ulapha ngenxa yenkathazo yasekhaya, inkathazo yezezimali, izindaba zebandla, isimo sokomoya, angazi. Lelo yiqiniso, angilazi inenekazi, uNkulunkulu uyalazi.

229 Kodwa manje ukuze nina bantu nihlale nazi ukuthi uJesu Kristu, ebukhloneni benu, enza ukuqinisa okungenakuphosisa kweZwi laKhe, ake ngikhulume nowesifazane umzuzwana nje, ngisazinikele kuMoya.

230 Manje, wena engikukhulekele, futhi ngabeka izandla kulezizihlalo ezinamasondo, uma ungenakho ukukholwa okwenele ukuba usukume futhi uhambe, ungakuvumeli lokho kukukhathaze, nje unokukholwa okuncane kwembewu yesinaphi, futhi ubambebele kukho ngqo, futhi nje ulokhu ukuhambisa ngqo. Niyabo? Manje, u-Abrahama wanikwa isithembiso sikaNkulunkulu, futhi iminyaka engamashumi amabili-nanhlana walindela lesosithembiso ukuba sigwaliseke. Ngabe kunjalo na? Akazange angabaze esithembisweni sikaNkulunkulu ngokungakholwa; wayenamandla enika uNkulunkulu udumo. Manje, siyazi ukuthi uNkulunkulu usalokhu enguNkulunkulu.

231 Manje, uma lona wesifazane lapha, enyukele eBukhloneni beNkosi uJesu Kristu kulobubusuku, ake sithi uyagula, futhi wenyukela eBukhloneni beNkosi uJesu, futhi u . . . UseBukhloneni beNkosi uJesu, hhayi wena, hhayi mina, kodwa uMoya olapha. Niyabo? UnguMvini, thina singamatsha. Ngabe kunjalo na? Bangaki owaziyo ukuthi umvini awutheli isithelo na? Amatsha athela isithelo njengoba linikwa amandla ngumvini. Ngabe kunjalo na? Manje bhokisisani futhi nilalele. Manje, uma ubemi lapha eBukhloneni beNkosi uJesu . . .

<sup>232</sup> Into ethize yenzekile ngakulowomfana lapho ngaleyonkathi. Ngiyanitshela ukuthi ngifuna nenzeni, ngifuna nithathe intambo bese niyibophe izungeze lelokhanda elinamanzi, niyabo, kulobubusuku, bese nibopha ifindo kuyo. Bese kuthi-ke ngobusuku bokugcina bomhlangano, usuku emva kwakusasa ebusuku wena, kusasa ebusuku bopha elinye ifindo, ngobusuku obulandelayo elinye ifindo, bese ungilethela leyontambo, bese ibekwa phezulu lapha kulokhu *lapha*, ukufakazisa ukuthi nguNkulunkulu okulowomfana. Futhi niyabona ukuthi lelokhanda lishwabana kangakanani phakathi manje nangalesosikhathi. Amen. Lokho kungukuthi ukuze nazi.

<sup>233</sup> Manje, isizathu sokuba ngenze lokho ngukuba nokukholwa kwakhe, niyabo, ufanele ube nokuthile kokukholwa kwakho. Niyabo? Uma ungeke ungabaze, kuzokwenzeka. Manje, bhekisisani, ngifuna nibophe intambo yenu, nenze ifindo elincane kuyo, bese-ke nifaka intambo efanayo, kusasa ebusuku, emva kwenkonzo, nibophe elinye ifindo elincane, lishwabana kangakanani, khona-ke ngobusuku bokugcina ubophe ifindo lakho engikhulume ngalo ebandleni, bese-ke ibekwa phezulu lapha emsamo, niyinqamule, futhi ningikhombise ukuthi kushwabane kangakanani phakathi kwamanje nangaleyonkathi, sizobona.

Manje, niyabo, bangane, wena uthi, “Wenzani, Mfowethu Branham na?”

<sup>234</sup> Ngizama ukuzibuyisela mina uqobo endaweni kancanyana nje, niyabo, ukuze ngikwazi ukukhuluma nani umzuzwana nje. Ngibuka phandle ngaleyondlela futhi ngibone nje, sengathi nonke niyiqembu elilodwa elikhulu, elinobisi manje. Niyabo? Kodwa ngizama ukunenza nibone ukuthi umfowenu, mina, umfowenu, akahlangene ngalutho emhlabeni nalokhu, nguNkulunkulu eqinisa iZwi laKhe, isithembiso saKhe, Athi Uyosenza.

<sup>235</sup> Manje, ungakwesabi. Ukuba bengingalizwa iPhimbo laKhe likhuluma kulobubusuku, Ubeyosho lokhu: “Yimani isibindi; yiMina; ningesabi.” Ngokuba Unguye izolo, yilokho Akwenze izolo, kunamuhla, kuyoba njalo kuze kube-phakade. Uyakukholwa lokho na?

<sup>236</sup> Manje, niyabo, ukuze nizokwazi ukuthi akusiwo amakhadi omkhuleko, noma okuthize, omunye umuntu, noma ekudleni kwasekuseni kwabefundisi. Futhi ubusuku obuthathu manje, izinkonzo ezintathu besingenalo ikhadi lomkhuleko. Futhi ngabe Ukwenzile yini kwezinye izinkonzo ngaphandle kwamakhadi omkhuleko, njengoba Enzile nje kulobubusuku ngamakhadi omkhuleko na? Amakhadi omkhuleko kuphela abamisa umugqa, ukuze singezukulwa ngendawo yomunye nomunye, niyabo, abaningi kakhulu endaweni eyodwa.

237 Manje, Dadewethu, uxolo, ngilokhu ngikhohlwa ngakho. Mina, angisangene, kodwa ngithemba ukuthi uyangithethelela ngalokho, bengingaqondile ukuthi ume lapha futhi ngikwenze into ebukwayo. Manje, nje i...Si...Ngabe ubunalo ikhadi lomkhuleko, noma bavele bakubeka phezulu lapha na? Ubunekhadi lomkhuleko. Kulungile. Ngoba ngicabange ukuthi uma ukwazile ukuhambahamba kanjalo, ubungeke ulunge ngakho, uyazi, ngoba ubungaba yi...uyabo, kubo. Kodwa wena, bakunike ikhadi lomkhuleko, ubusemgqeni. Kulungile.

238 Manje, uma iNkosi uJesu, njengalapha, owesifazane nowesilisa futhi, uma Ingangitshela into ethize ukuthi, njengokuthi ulapha mayelana nayo, ubuyokukholwa na? Ulapha ukuba ngikhulekele amehlo akho, unenkathazo yeso. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Awu, wena uthi, “Impela, ufake izibuko.”

239 Kulungile, asivele sikususe lokho endleleni. Manje ngibuke futhi ukholwe. Uyakholwa na? Manje, u...Ukwazisa nje abantu, manje, khona manje uzwa omnandi ngempela, uMoya ofudumele. Uma lokho kunjalo, phakamisa izandla zakho, ngoba ungumKristu.

240 Manje, senake nasibona isithombe salokho kuKhanya, leyoNsika yokuKhanya esithombeni na? Sinakho lapha, kuthathwe emhlabeni wonke jikelele, sinazo khona lapha esakhiweni. Manje, bangaki abake bakubona na? Kulungile, lokho kuKhanya kulenga phakathi kwami nowesifazane khona manje, ngiKubuka ngqo.

241 Manje, ucabanga ukuthi Ubengamphulukisa umyeni wakho na? Ulapha, naye. Uma ngingakutshela ukuthi yini engalungile ngomyeni wakho, uzongikhoholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Unomdlavuzwa wesikhumba ebusweni. Kunjalo, akunjalo na? E-hhe. Kulungile.

242 Futhi unomunye othandekayo omkhulekelayo, leyo yindodakazi, ethandekayo, ayikho lapha, inenkathazo ngendlebe. Abekho ngisho kulelizwe, kuseGeorgia. Kunjalo na? Awusuye owakulelidolobha, ungowasedolobheni elithiwa iJa-...iJasper. Kunjalo. Igama lakho nguNkk. Kennett. Yebo, kunjalo. Hamba uye ekhaya, futhi uphiliswe, eGameni likaJesu Kristu.

243 Beka...Bangaki okholwayo na? UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela *labo* abakhoholwayo.” Ngabe kunjalo na? Bekani izandla zenu phezulu komunye nomunye. “Uma bebeka izandla...” Ungazikhulekeli wena manje, khulekela umuntu onaye...Emuva le ngemuva lapho, bekani izandla zenu phezulu komunye nomunye. Manje khulekani umkhuleko wokukholwa.

244 Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzobasiza.

<sup>245</sup> Sathane, wehluliwe empini, udaluliwe, Sathane. Phuma kubo eGameni likaJesu Kristu! 🐦

61-0123 Ningesabi, yiMina  
E-American Legion Hholo  
EBeaumont, ETexas E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

[www.branham.org](http://www.branham.org)